


ISIKHATHI SOKUHLANGANA

NESIBONAKALISO

 Sanibona kusihlwa. Kuyinhlaha ukuba lapha kulobubusuku, nokuma kulendawo.

² Mina, kulokhu ukusa, ngiza ngehla ngomgwaqo... Kade ngingekho ngikhuleka, ngilinde eNkosini. Futhi ngiza ngehla ngomgwaqo, ngivule u—umfundisi womsakazo, uMfowethu Smith, umfowethu oyikhaladi, (ngabe nonke nimzwile kulokhu ukusa na? Noma ubani owenu na?) enhla e, ngikholwa ukuthi iOhio. Omunye ubengitshela ngaye eshumayela, futhi wathi, “Uboke umvule, kanjalo.”

³ Kwenzekile nje ngamthola, kulokhu ukusa. Futhi ubesho impela ngokuthi isono sasanda kanjani ezweni namhlanje, futhi ube... Futhi ngithe ukukuvula ngaqhubeka kancanyana, isiteshi ukusuka kulokho, futhi ngehlela ezansi futhi ngezwa okunye. Isikhathi engehele ngaso lapha, besengithi angilungele ukubona uma bekungeleyithi kakhulu ukuba ngize ebandleni, kulokhu ukusa ngenkathi ngingena. Ngakho, sinenhlahlaha kakhulu impela ukuba lapha kulobubusuku, nokukhonza enkonzweni yeNkosi.

⁴ Futhi ngikhuluma ngoMfowethu Neville, nomlayezo ngoluny'usuku, kulelinenekazi elincane, udadewethu osanda kusuka nje kithi. Lokho beku, siyazi sonke ukuthi bekungubani, nguDadewethu Weaver. Futhi ngicabanga ngendoda lapha, ibhaphathizwa kulobubusuku; yena... Ngambhaphathiza kulelichibi ngenkathi ngi... badingeka bamlethe lapha ngesihlalo esinamasondo. Wayefa, enomdlavuzo, futhi nje wayenalobo busuku ukuba aphile; odokotela base bebele bemdelile, wayezofa ngokusa okulandelayo. Futhi ngaya ekhaya lakhe futhi ngazama ukukhuluma naye ngokuphiliswa ngokobuNkulunkulu, futhi wayelokhu nje ephindaphinda, “Angifanele ukuthi uze phansi kophahla lwami.” Wathi, “A—angifanele ukuba umfundisi abesendlini yami.” Wathi, “Ngiyisoni.” Kodwa wathi, “Mnumzane, angifuni ukufa kanje.” Futhi ngakho uGrace Weber, enhla lapha, wangehlisela lapho. Ngivele nje ngangena, ngikhathele ngivela emihlanganweni; futhi lapho ngenkathi ngimkhulekela, futhi ngimfundela umBhalo, futhi wasindiswa. Khona-ke, kwakunzima ukuba aphakamise isandla sakhe, kodwa wayefuna ukuxhawulana nawo wonke umuntu. Yena nje... into ethize yenzeka kuye.

⁵ Futhi ngenkathi besaxhawulana, ngabona umbono wakhe eya ehokwaneni lezinkukhu, ebuya. Ngathi,

“Kulungile, kuzolunga manje”; futhi lokho yiminyaka eyishumi nesishiyagalombili eyedlule. Futhi kade engukugxuma ngaphambili kwalowomdlavuzo, sonke isikhathi. Uma efile, . . . Akazange afe ngamdlavuzo, ubenokuhlaselwa yinhliziyiyo futhi kwambulala. Babenaye ngaphansi kweoksijini; ufe ngokuhlaselwa yinhliziyiyo.

⁶ Futhi khona-ke bengicabanga, nje ekugcineni ngenkathi abantu bephuma, futhi babecula, *Wayesefika uJesus*. Yilokho impela okwenzeka, Wafika futhi wasindisa ukuphila kwakhe okwaleyominyaka eyishumi nesishiyagalombili. Futhi bengicabanga, kwakufanelene kanjani. Lowo wesifazane mhlawumpe wayengazi ukuthi wayekwenza kanjalo. Manje-ke, futhi, angahle ukuba wayekwenza. Kodwa nje ukuthi kwakufanelene kanjani ukuba naleyongxenye lapho, *Wayesefika uJesus*.

⁷ Manje kuthi ukuba ngaphambili kancanyanyana, ngi—ngiyethemba, ukuhlalela kwami okukhulu imihlangano. Ngithola ukwethuka ngempela. Kulokhu ukusa, bengithe ukusonteka kakhulu, ngenyukele uku—ukuyokhuleka. Futhi ngi—ngisekhaya, emuva lapha. Umndeni, nje ngibathathile ngabasa eArizona, futhi ngi . . . ngakho abantwanyana bangena esikoleni. Futhi sengibuyile lapha nje uku—ukuba nohlobo lokuphumula, ngihambe ngiyozingela noMfowethu Wood nesigejane sabazalwane lapha; ukuba siphume sizingela, okwaleliviki elizayo. Siya ezansi phakathi eKentucky. Futhi bengi . . . kade ngiphakathi . . . Kwenzekile nje ngifike ngosuku u—uNkk. Weaver afe ngalo, futhi nje kulungile ukuthi ngibe lapha futhi ngisize uMfowethu Neville kulowomngcwabo.

⁸ Futhi angizami uku . . . Angizami uku—ukusho okuningi kakhulu ngakho, niyazi, ngakubantu bekhononda. Ngoba, ngiyacabanga, enye yezinto embi ukuzedlula zonke ukubona o—owesilisa noma owesifazane elokhu ekhononda njalonjalo. Bengihlala njalo ngicabanga, “Nkulunkulu, ngisuse kukho.” Niyabo, lokho—lokho kwenza buthakathaka ukukholwa ngaso sonke isikhathi, niyazi. Wena nje—wena nje . . . uma u—uma u . . . Ngiyazi lapho beqala ukuba badala, ngamunye wethu, sizothola into ethize yenzeka nento ethize yenzeka. Futhi ngiyazi lezozinto ezincane zizolokhu ziqongelelana, lokho ngukuthi lapho ubamdala, zifanele nje. Kodwa ngicabanga ukuthi okukodwa kwezinto embi kakhulu kakhulu, ngukuba uSathane athwese umqhele othize empilweni yomuntu othize: owesilisa omdala oxhukulile noma owesifazane omdala, niyabo. Ngi—ngiyethemba ukuthi angifiki kuleyondawo. Ngithemba ukuthi ngingakuthwala, imithwalo yami, futhi—futhi ngifike endawaneni ukuya lapho . . . Ngifuna impilo yami ithweswe umqhele ngeNkazimulo kaNkulunkulu: ukubekezela kwaKhe, ububele, ukuthula, ubumnene, nokugcwaliswa ngoMoya oNgcwele.

⁹ Futhi ngi . . . eyodwa yezinto zami enkulu ehlala ingilimaza empilweni yami, bekuyisimo sokwethuka. Ukuthi uma ngithola ukukhathala kakhulu, khona-ke ngikhandleka ngempela. Ngithola . . . uhlobo lokuzwa sengathi akukho-muntu okukhathalelayo, uyazi, futhi—futhi nonke ni . . . Unakho, nawe. Futhi kuyenzeka nje ngibe nokweqiswa kwakho ngempela, uyazi, futhi kuba kubi ngempela ngesinye isikhathi, futhi kul’khuni ukuba ngi . . . Kungukushaqeka, futhi kwenziwa yilokho. Futhi ngifika endawaneni-ke ukuthi izikhathi eziningi, ikakhulukazi ngeminingi kakhulu yemibono, niyabo, kuyangithola nje. Ngibuka umuntu, ngiyacabanga, “Lona ngumbono. Qhabo, qhabo, qhabo, akusiwo. Yebo! Akusiwo na?” Niyabo? Futhi nje aniqondi ukuthi nani lini elihambisana nalokho. Ngakho manje-ke—ngakho manje-ke u—uyamangala. Bese-ke uthola ukucabanga, “Awu, u . . .” Manje-ke uchezuka ngasohlangothini lwakho bese uthi, “Awu, manje, nge—ngenzi na? Ngilapha, ngi—ngineminyaka engamashumi amahlanu ubudala futhi angikayenzeli lutho iNkosi; futhi sengi—ngigugile. Futhi yini e . . . ? O, he.” Khona-ke uthola nje i . . . esasivame ukukubiza ngokuthi “umdumakhanda.” Abanye benu bazalwane abathi ababe yintanga yami bayakukhumbula lokho ababevame ukukubiza ngokuba “nomdumakhanda.” Ubabo wayevame ukukhuluma ngakho futhi ngangimangala ukuthi wayechaza ukuthini, futhi impela sengiyazi manje ukuthi wayechaza ukuthini. Ngakho manje-ke, uthola ukuzizwa ngaleyondlela, okungekho nokukodwa kwakho okuyiqiniso; nguwe nje, uyakwazi. Uyabo, uyakwazi, nguwe nje owenza lokho.

¹⁰ Ngakho bengizama ukuzithulisa mina uqobo kancanyanyana manje, futhi ngilungele u—ukuphusha okukhulu engithemba ukuthi kuza masinya. Bese kuthi-ke nge . . . Ngifanele ngiye eNew York khona maduze, futhi ngi . . . emhlanganweni ehla lapho, umkhankaso. Bese kuthi-ke ngiye ezansi eShreveport, bese-ke ngibuyela ePhoenix. Bese kuthi-ke nge ngize ngizungeze intshonalanga . . . umncele weningizimu weUnited States. Futhi manje-ke benza amalungiselelo aphesheya kwezilwandle manje, ukuba aqale ngokukhulu ukushesha esingakwenza emva kokuqala konyaka, mhlawumbe ngoMashi, uApreli, into efana naleyo; lapho oqala khona eStockholm noma eOslo, bese ngijikeleza umhlaba, uma singakwenza ngaloluhambo olulandelayo.

¹¹ Futhi manje ngisekhaya, ngithi ukuphumula kancanyanyana, ngithi ukuthola ukuzibuyisa mina uqobo nokuthi ngithi ukubuyisa amandla. Futhi uma iNkosi ithanda, ngizobuya ngeSonto elizayo, ngivela ezansi eKentucky. Futhi—futhi uma kulungile, kuthokozisa eNkosini, noMfowethu Neville kungamkhathazi; awu, ngizovele ngizame nje ukuba nenkonzo ngeSonto elizayo, uma—uma iNkosi ithanda. Futhi uma

Ithanda nje njengoba uMfowethu Neville enjalo, ngi—ngizoba lapha. Yebo mnumzane, Injengoba nje . . . uma Ithanda ngakho njengoMfowethu uNeville. Ngithemba ukuthi Iyathanda. Manje, niyabo, khona-ke ngiyazi ngizoshesha, uma iNkosi ithanda, ngizoba ngosehambile kini isikhashana impela.

¹² Futhi ngi . . . imilayezo emincane nje, njengoba ngicosha into encane ethize enhliziyweni yami, manje-ke ngi—ngi—ngizwa kuthi angifune ukukuzwakalisa kini, niyabo, futhi singahlanganyela ngakuyo. Manje, nginokumbalwa impela kwakho, okuhlano noma okuyisithupha okufika kimi nje ngezinsuku ezimbalwa ezedlule. Futhi ngihambile, izinsuku ezithi azibe mbili lapha, ngizingela izingwejeje phandle lapha. Futhi ngingena emahlathini, bese ngizithathela ipensela nephepha. Niyabo? Manje sekuthi akube yisikhathi okuba kuhle ngaso futhi libalele, ngizimelela ngesihlahla ndawondawo. Uma ngingayi ukuyolala, ngiqala ukukhuleka, bese-ke mina, iNkosi izonginika into ethize, ngiqala ukubhala phansi amanothi amancane akho, niyabo. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini; uma uthola ukuba wedwa, bese-ke u . . . Manje-ke ngingena lapha, ngikubhalele konke ephepheni lokubhalela. Bese kuthi-ke uma ngibizwa, ngigijimela phandle bese ngithatha okokubhalela kwami bese ngiyokubukabuka bese ngibona ukuthi yini engingayiqala, niyabo. Yilokho okwenzeke njengamanje.

¹³ Ngakho manje, ngifuna uku, uma iNkosi ithanda, ukukhuluma nje . . . Ngizama ukwenza . . . ngingamule leyo emikhulu, imilayezo emide, niyabo; lapho okukuthatha khona amahora. NeNkosi ingisizile ngenze umsebenzi omfishane impela wawo eChicago, ubusuku obedlule lapho, cishe imizuzu engamashumi amathathu. Futhi omuny'umuntu ufika ngapha, wathi, "Bengingacabangi ukuthi bekukuwe, kodwa ukwenzile!" Ngakho imizuzu engamashumi amathathu, kusuka cishe emahoreni amabili nohhafu, noma amathathu, niyazi. Ngakho mhlawumbe ngingasheshisa kulobubusuku futhi ngithole ukuzejwayeza okuncane, nginganibambezi isikhathi eside kakhulu.

¹⁴ UNkulunkulu anibusise. Akunandaba ukuthi ngike ngiye kuphi, ayisoze yabakhona indawo enjengalelitabernakele lapha. Yikhaya, ikhaya elihle. Futhi ngisekuzwelaneni nomndeni kaWeaver. Nalomfowethu oyikhaladi oyigugu oshonile, ngakhuleka naye isikhashanyana engakahambi, nesimilo esihle. Futhi useKhaya noNkulunkulu manje, futhi sekuphelile konke. Futhi uzofanele uhambe noma kanjani, futhi sonke siyakwazi lokho. Ngakho si . . . kwangathi iNkosi ingaphumuza imiphfumulo yabo ngokuthula, futhi ngoluny'usuku sibheke ukujoyina eZweni ngaleya, lapho okungekho khona ukugula, usizi, noma ukufa. Kuze kube yileyonkathi, asenze nje konke esingakwenzela iVangeli.

¹⁵ Ngikhuluma ngokuphakama komoya, bengikhuleka mayelana nakho kulokhu ukusa. Ubuyokwenzani ukuba ubungenakho ukuphakama komoya na? Kucabange nje. Ukuphakama komoya kuyingxenye yokuphila. Lokho kuthe ukungikhuthaza ngenkathi ngicabanga lokho. Ukuba ubungenakho ukuphakama komoya, ubuyofana nonodoli wezindwangu, ubungeke ube namizwa. Bekungebe lutho obungasebenzela kukho. Njengendoda nomfazi, mhlawumbe uma efuna ukwenza okuthize, futhi bazama ukusebenza ndawonye (ikakhulukazi amaKristu), nomunye ufuna. . . Futhi manje-ke uma nihlangana ukuba ni. . . uthola ukuthi wenzeni; uthola. . . Niyabo, ukuphakama komoya ngempela kunisondeza kakhulu ndawonye. Nomunye akutshele ukuthi “Awu,” wathi, “cabanga nje ngonkosikazi omncane oyephansi kwenqwaba yokuphakama komoya ngenkathi wawungemuhle kangako, noma indoda yaya phansi kokunye ukuphakama komoya ngenkathi wawungemuhle kangako. Manje-ke uma konke sekuthethelelwe, buka ukuthi uzwe kanjani ngayo. He, uvele nje. . .” Uyabo, ufanele ube nokuphakama komoya. Yilokho kuphela.

¹⁶ Futhi cabangani nje, ngemizwa, ukuba-ke ubungenamuzwa, kungekho zinhlungu noma lutho na? Ukuba-ke bekungekho buhlungu nhlobo na? Ubungeke ubenamizwa nhlobo. Niyabo? Futhi uma ubungenamuzwa, khona-ke omunye wemizwa yakho ubuyobe ungasekho. Niyabo? Ngakho, niyabo, yonke into nje ikahle noma kanjani. Ngakho, “Nkulunkulu, siphe umusa nje ukuba sikumele,” yileyo nto. Uma sisukuma nje sinalowomusa, futhi ngime lapho bese ngithi, “Siyazi ukuthi uma lokhu kufa sekuphelile, okukhulu kungaphesheya esibheke ukuya kukho.” Futhi manje, si—siyakhumbula ukuthi zonke lezizinto, lokho ngokuphakama komoya.

¹⁷ Lokho, abanye abantu uzama ukwethula ubuKristu, ukuthi “ukhululekile ekukhathazekeni. U. . .” Qhabo, awunjalo. “Ukhululekile ekuphakameni komoya.” O, qhabo! Wenzela ukuphakama komoya uma uba ngumKristu, ngoba wawuthi ukuba ngokapakayo—ohambayo, ohamba ngenhlanhla yokujabula, noma ngabe kwakuyini phandle lapho, ungakhathaleli ukuthi wenzani.

¹⁸ Kodwa uma usube ngumKristu wangempela, njalo ngomzuzwana uyamangala, “Ngabe ngiyayithokozisa yini iNkosi yami na? Uma bengingezwa okuvela kuYo!” Kukubeka ekuphakameni komoya, kukubeka ekugadeni. Yilokho okukwenza ube yilokho oyikho. Ngakho empeleni, ukuphakama komoya kuyisibusiso. Kuyindlela nje okubuka ngayo. Kuyindlela nje okubuka ngayo. Niyabo? Uma nje ubuka elinye icala, kune—kune. . . Akunandaba ukuthi noma yini uyisika ibewucezu oluncane kanjani, usalokhu unamacala amabili kuyo, uyabo. Ngakho ufuna ukubona macala omabili.

19 Ngakho ukuphakama komoya... Ngiyacabanga, “O he, kuyi... Kuyini lokhu kuphakama komoya na? Ukuba ngangikade ngizalwe ngingenakho lokhu ukuphakama komoya.” Awu, ukuba bengingenakho lokhu ukuphakama komoya, bengingebe yilokho engiyikho. Bengingeke ngaba ngumKristu, mhlampe. Kwaba yilokhu kuphakama komoya okwangiqhubela kuJesu Kristu. Niyabo? Ngakho, kube yinto eyisibusiso kimi.

20 Ngakho manje-ke njengoPawulu washo, kwaba sengathi wayenokuphakama komoya noma enye into ethize, wayebuzane neNkosi uku—ukuba ikususe kuye kathathu. NeNkosi yathi, “Sawulu, waMi... Pawulu, umusa waMi wenele.”

21 Wathi, “Manje-ke, ngiyokhazimulisa ebuthakathakeni bami. Manje-ke uma ngibuthakathaka, nginamandla.” Niyabo? Inqobo nje uma kusentandweni kaNkulunkulu, kulungile.

22 Manje, ngabuzana naYo ngesinye isikhathi ngenkathi kwakuvame ukungihlupha kabikabi, kwangesabisa. Futhi Yangitshela, cishe eminyakeni eyisishiyagalombili noma eyishumi eyedlule, Yathi, “Akusophinde kukwesabise futhi.” Futhi akukaze kukwenzwe. Qhobo, mnumzane; unga—ungakhathazeki ngakho. Ngiyakuzwa nje, kodwa ngiyazi kukhona; kodwa ngivele ngiqhubeke nje ngoba akusangesabisi, ngibonga kakhulu ngalokho. Manje, Yayingahle ithi, “Akusayi kubabikho,” kuyafana nje nokuthi “Ngeke usesatshiswa.”

23 Ngakho kuyintando yaYo ukuthi kuyenzeka, ngakho ngiyakusingatha nje bese ngithi, “NgiyaKubonga, Nkosi, ngizohamba ngaleyondlela.”

24 Manje, asikhothamise amakhanda ethu nje umzuzwana senzele u—senzele umkhuleko. Ngabe sikhona yini isicelo esikhethekile somkhuleko na? (Ngibona amaduku abekwe lapha.) Phakamisa isandla sakho. Nkosi, busisa ngamunye wabantwana baKho.

25 Baba wethu waseZulwini, njengoba manje sisondele kwesaKho esikhulu, isiHlalo sobukhosi somusa sobukhosi, ngoba sicelwe ukuba size. Siza phezu kokuyala kukaJesu Kristu. Futhi siza nayo yonke iminako yethu, futhi siyiphosa phezu kwaKhe ngoba Uyasinakekela. Lokho kuyinduduzo enkulu kangaka pho, ukwazi ukuthi Uyasinakekela. UNkulunkulu omkhulu waseZulwini, uMdali; uyasinakekela, okudaliweyo kwaKhe. Sijabula kakhulu ngalokho, Nkosi. Induduzo enje pho okuyiyo ngalezizikhathi esiphila kuzo, lapho khona kubonakala ukwazi uku—ukudonsa induduzo kokungelutho kodwa iZwi laKho. Leyo yinduduzo yethu, yisiThembiso saKho. Futhi esiThembisweni saKho, Wathi asenze izicelo zethu zaziwe, futhi “Uma niyocela noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza.” Nazozonke lezisiThembiso ezinkulu: “Celani futhi niyakwemukela. Nithi kulentaba, ‘Nqukuleka,’ futhi

ningangabazi, futhi iyonqukuleka.” Zonke leziziThembiso, futhi singadonsa kuLeso lokho nje esikucelelayo.

²⁶ Izandla ziphakamile, badinga okuthize, Nkosi. Wena uyasazi isidingo sabo; baphe sona, Baba. Ngibeka umkhuleko wami nowabo phambi kwaKho, isandla sami siphakeme nezabo. Lapha kubekwe phezu kwalelideski lapha, amaduku ebekwe lapha. O, ukuthi abantu bakanjani benokukholwa, ukukholwa okuwubuhawe, Nkosi, . . . Kubonakala nje kuba yinto ethize Ongibusise ngayo, ukuba ngikwazi ukukhulekela abantu abagulayo. Nomaphi, noma yikuphi, nomaphi lapho engiya khona, kuyinto emayelana nokukhulekela abagulayo. Nkulunkulu, siza manje. Ngikhuleka ngobuqotho ukuthi Uzopha izecelo zalamaduku elibekwe lapha, kubantu ocelele. Isihawu saKho masibe phezu kwawo.

²⁷ Nkosi, siyaqonda ukuthi uDadewethu Hicks unowesifazane lapha, ondize esuka le wangena evela ndawondawo ukuba azokhulekela, enomdlavuza; futhi ubefuna ukwazi ukuthi ubengamletha yini ukuba eze ngapha. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuba Usindise impilo yalowomuntu; siphe khona. Umshana wami omncane, uMikie, elele ngaleya egula futhi ehlanza, enemfiva enkulu; uvele nje wasuka emnyango. Nkosi, ngi—ngikholelwa ukuthi sibe nomkhuleko wokukholwa lapho ukuthi Usukunqamulile, futhi ngi—ngi—ngiyathokoza kuWe, ngizwa imfiva isuka kumfana ngaphambi kokuba ngisuke ekamelweni.

²⁸ Manje, Nkosi, . . . futhi ngiyaKubonga ngazozonke lezizinto. Manje kulunkatha lwami ukuba ngikhulume ngeZwi laKho. Siphe iZwi laKho, Nkosi. “IZwi laKho liyiQiniso.” Busisa imiphefumulo yethu futhi usiphe u—umusa esiwudingayo, ukuze sikwazi ukuwudonsa eziThembisweni zikaNkulunkulu kulobubusuku, eZwini, ukuba usondle lonke leliviki; siphe khona. Busisa umelusi wethu, lomphfumulo oyiqhawe, umkakhe, abantwana bakhe, abadikoni, abaphatheli, nawo wonke umuntu ongenayo noma ophumayo kulendlu; siphe khona, Baba. EGameni likaJesu Kristu sicela lezizibusiso. Amen.

²⁹ Manje, ngifuna ukufunda ezindaweni ezimbili zemibhalo yeNkosi. Ngifuna ukufunda kuqala eNcwadini yamaHubo, iHubo 86. Bese kuthi-ke ngifuna ukufunda kuMathewu oNgeweke, isahluko 16, 1 kuya kwele 3. Futhi ngifuna ukufunda ingxenye yaleliHubo, hhayi konke okwalo kodwa ezansi cishe kuya evesini 11, okwedlule kancane kuhhafu walo.

³⁰ Futhi ngifuna ukumemezela lokhu, uma ngibiza indikimba, ngaphambi kokuba ngishumayele ngayo: *ISikhathi SokuHlangana NeSibonakaliso*. “ISibonakaliso sesikhathi sokuhlangana,” lokho kuzwakala kuthe ukuxaka. *Ukuhlangana*;

niyabo? *Isikhathi*; isikhathi sokuhlangana, kuyilokho manje. Ne*Sibonakaliso* salesosikhathi sokuhlangana.

³¹ E—eHubweni, umkhuleko kaDavide, iHubo 86.

Beka indlebe yakho, O Nkosi, ungilalele: ngokuba ngilusizi nohluphekayo.

Londoloza umphefumulo wami; ngokuba ngingoqotho: O wena Nkulunkulu wami, sindisa inceku yakho ekwethembayo.

Yiba nomusa kimi, O Nkosi: ngokuba ngikhala kuwe nsuku zonke.

Thokosiza umphefumulo wenceku yakho: ngokuba kuwena, O Nkosi, ngiphakamisela umphefumulo wami.

Ngokuba wena, Nkosi, umuhle, futhi ungothethelelayo; futhi unomusa omkhulu kubo bonke abakhala kuwe.

Beka indlebe, O Nkosi ekukhulekeni kwami; . . . ulalele izwi lokunxusa kwami.

Ngosuku losizi lwami ngokubiza: ngokuba uzakungiphendula.

O, lokho akukuhle na? “Uzakungiphendula.”

Phakathi kwawonkulunkulu akakho onjengawe, O Nkosi; akukho imisebenzi enjengomsebenzi wakho.

Zonke izizwe ozenzileyo ziyakufika futhi zikhuleke phambi kwakho, O Nkosi; wena ziyakudumisa igama lakho.

Ngokuba umkhulu wena, uyenza izimangaliso: unguNkulunkulu wena wedwa.

Lalelani manje.

Ngifundise indlela yakho, O Nkosi; ngi—ngiyakuhamba eqinisweni lakho: yenza inhliziyo yami ibenye yesabe igama lakho. (Ubunye! Niyabo?) . . . yenza inhliziyo yami ibenye yesabe igama lakho.

³² Ngikhuluma manje ngokuhlangana; nesibonakaliso sesikhathi. Manje, esahlukweni 16 sikaMathewu oNgcwele.

AbaFarisi nabaSadusi beza, . . . bemlinga yena, becela kuye ukuba ababonise isibonakaliso esivela ezulwini.

Futhi Waphendula wayesethi kubo, Kusihlwa, nithi, Ngi . . . Loba lisile: lokhu izulu libhejile.

Kuthi kusasa, Lizakuba phansi . . . Namuhla lizakuphendula: ngokuba libhejile futhi liguqubele. O nina bazenzisi, kanti ukuma kwezulu niyakwazi ukukuchaza; kepha izibonakaliso zesikhathi aniziqondi na?

INkosi ayenezele izibusiso zaYo ezinomusa ekufundweni kwaleliZwi.

³³ Manje, sikhuluma ngalokhu kuhlangu, isikhathi sokuhlangu; isibonakaliso sesikhathi sokuhlangu. Niyabo, uJesu waye lapha, kulokhu kufundwa komBhalo kokugcina, Wayesola abefundisi basesontweni ngokungakwazi ukhulukanisa isikhathi noma isibonakaliso sesikhathi. Manje, lokho njalo kade kuyilokhu kuyinto enkulu kubantu, niyabo, ukwazi ukhulukanisa *isibonakaliso sesikhathi ophila kuso*; ngoba uNkulunkulu ukubhala ngokucacile kakhulu ukuze kungabikho-muntu ongaphunyuka kukho.

³⁴ Manje, ngokweywayelekile, ngibuyela emuva futhi ngicoshe kwabanye abefundisi, ezinye izinceku zeNkosi esikhathini seBhayibheli (njengesibonakaliso esikhathini sikaNowa, isibonakaliso sesikhathi sikaDanyeli no-nokunye nokunye, izibonakaliso ezehlukene), kodwa ngifuna ukukwedlula lokho kulobubusuku u-ukonga isikhathi, ukukwazi...Kodwa bekuhlala njalo kuyindlela kaNkulunkulu, ukubanika i-isibonakaliso sokwemvelo sesikhathi, ukuze wonke umuntu ezokwazi nje ukuthi kwaku-kusikhathi sini. NalababaFarisi babefanele basazi isikhathi sabo. Babefanele bazi ukuthi kwakusikhathi sini. Wathi kwenye indawo, "Ukuba beningazi Mina, beniyakulazi usuku lwaMi." Niyabo? Ku-kukakhulu i-into enkulu ukuthi siyaqonda. Niyabo, "Ngaphandle kokuqonda!"

³⁵ Yilokho ababehlala bekhomba kukho kubaprofethi ngakho, bathi, "Futhi wayenokuqonda, ngemibono evela eNkosini. NeZwi leNkosi leza ku-kubaprofethi basendulo." Niyabo, babenokuqonda ngeZwi leNkosi, ngaprofethi. Futhi khonake-abaprofethi banikeza isibonakaliso. Njenge, indoda eyodwa yalala ngohlangothi lwayo isikhathi eside kakhulu, yase-ke iphenduka futhi yalala ngolunye uhlangothi. Indoda eyodwa yadingeka ihhundule izingubo zayo zokugqoka. Futhi o, kunezinto eziningi abazenza ukukhombisa isibonakaliso ababephila kuso. Futhi manje siyazi ukuthi uNkulunkulu owenza amazulu nomhlaba, futhi-futhi wendlala kanjalo umsebenzi waKhe ukuthi Uyochasisa isikhathi saKhe ngesibonakaliso, lowoNkulunkulu ofanayo uyaphila namhlanje. Ngakho sifanele si, into ethize...Njengoba sibona i-isikhathi esiphila kuso, kufanele kube nento ethize ukuthi omunye umuntu akayinaki, ndawondawo. Niyabo? Ngoba uNkulunkulu angeke neze azidedele lezizinto zenzeke ngaphandle kokusinika isibonakaliso esiqinisekile, ukuthi lapho, ukuthi-ukuthi siyoqonda.

³⁶ Manje nansi into namhlanje, ukuthi abefundisi basesontweni, asikufundi ngokuyikho. Kufana nje njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, babengacabangi ukuthi kwakuyisikhathi. Ba-babecabanga ukuthi babephila

ngokuthula okuhle ngaleyonkathi, futhi ngakho babengabheke Mesiya. NoJesu ushilo ukuthi ukuFika kwaKhe kuyoba “njengesela ebusuku,” ngenkathi a—ngenkathi abantu beyobe bengakunakile ukuFika kwaKhe. Kodwa kwakukhona ezinye zezintombi ezaya ukuyoMhlangabeza, ingxenywe yazo, zazikade zinamafutha esibanini sazo futhi yayilungele; zazibhekisisa lesi sibonakaliso. Futhi yilezo engikhuluma kuzo kulobubusuku, niyabo, kulabo ababheke isibonakaliso manje, isibonakaliso sokuFika kwaKhe.

³⁷ Lezizibonakaliso zinikezwa, yiNkosi, sinikezwa kuphela kwabakholwayo. Abangakholwayo abasiboni nhlobo. Bayahamba ngqo bedlule phezu kwazo, futhi abasiboni. Futhi manje, nje njengoba impela nje kungukuthi iNgelosi kaNkulunkulu ibingama kulomsamo kulobubusuku, nje ngeqiniso njengoba nje—njengoba nginibuka, futhi bengingayibuka; noma beningayibuka futhi ngingayiboni, noma bengingayibuka futhi ningayiboni. Manje, niyazi lokho kungokomBhalo; lokho yiQiniso impela. Babona... Niyazi uPawulu wawa phansi, kodwa ba... akukho namunye wabo owayengabona lokho kuKhanya.

³⁸ Lokho kuKhanya kwakulapho ngqo ngenkathi uJohane ema lapho phambi kwezixuku, futhi izinkulungwane phandle osebeni lapho, zabefundisi basesontweni ne—nezazi, amadoda amakhulu. Futhi uJohane washo, yena uqobo, wafakaza ngokubona uMoya kaNkulunkulu ehla njengejuba futhi wehlela phezu kwaKhe, nePhimbo lithi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuYo.” Futhi akukho-muntu owaMbona kepha uJohane. Niyabo? Kwakungokwakhe nje.

³⁹ Nike naqaphela ukuthi kwakwenza kanjani, isibonakaliso sezazi na? Zabuka, kwakukhona... ZazingumHeberu. Zazingesibo ngempela osonkanyezi baseNdiya, zazingamaHeberu; ngoba zazisenhla lapho kulelozwe zifunda isifundo sezinkanyezi, ukuba ziqede imfundo yazo. Futhi ngenkathi zazi... zazibuke ngaseJerusalem, futhi zazi ukuthi zabona lezozinkanyezi ezintathu ngayinye endleleni yazo—yazo yokuzalwa, kaHamu, uShemu, noJafethe, okuyisizwe ezivela kuso, ngasinye, futhi zazibona lezozinkanyezi endleleni yazo yokuzalwa. Leso kwakuyisibonakaliso kuzo, ukuthi lapho lezozinkanyezi zazisemgqeni, uMesiya wayesemhlabeni.

⁴⁰ O, he! Akumangalisi zafika, “Uphi Lowo na? Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? Siyibonile iNkanyezi yaKhe eMpumalanga, futhi size ukuzokhuleka kuYe. Uphi Lowo na?” Zazazi ukuthi lowoMesiya ongunmtwanyana wayelele ndawondawo, ngoba uNkulunkulu wazinika isibonakaliso sesikhathi, ukuthi uNkulunkulu nomuntu babehlangana ndawonye. Ukuhlangana okunje, ngenkathi uNkulunkulu ezihlanganise Yena uqobo emzimbeni womuntu! Umthetho,

ukuhlangana okukhulu kunakho konke okwake kwenziwa, kwakungenkathi uNkulunkulu ehlanganiswe nomuntu; futhi washiya ithafa laKhe—laKhe elikhulu lokuba nguNkulunkulu futhi welula ithende laKhe futhi wafaka ubuntu, futhi uba ngomunye wabo, ukubahlenga. Ubunye. Lokho yini na? Lokho kwaletsa ukuthula phakathi kukaNkulunkulu nomuntu kuze kube phakade; sibonga kakhulu.

⁴¹ Futhi izibonakaliso asithunyelwanga... Manje cabangani nje, wonke umuntu, nabobonke osonkanyezi; abantu ngalezozinsuku, amawashi abo amakhulu kwakuyizinkanyezi. Kwakukhona umlindi owayehamba enyukele esicongweni so—sombhoshongo, futhi wayefika lapho phezulu futhi abhekisise. Futhi ubonile ngenkathi izinkanyezi ezithize yayisemilazeni ethize yezinkanyezi, lapho zedlula, wayazi ukuthi kwase kusikhathi sini. Khumbulani emBhalweni, “Sikhathi sini, mlindi na?” Futhi umlindi uyabuya futhi wamtshela ukuthi kwakungaliphi ihora. Niyabo, babegcina isikhathi ngezinkanyezi.

⁴² Manje, akuxakile yini ukuthi lezizinkanyezi zazisemgqeni impela ukuba amadoda amathathu futhi akukho omunye owayibona na? Niyabo? Kusemgqeni nje impela. Manje, ungaba semgqeni kakhulu nomBhalo. Niyabo? Ngenkathi lezizinkanyezi ziba sebunyeni, zazihlanganisa zona uqobo ndawonye kulomlaza wezinkanyezi, amadoda amathathu nawo futhi ayehlangane ngesikhathi esifanayo. Futhi unganglangana kakhulu noNkulunkulu, eZwini laKhe, zize lezizinto zibe ngezangempela, futhi ungazibona futhi wazi ukuthi ziyiqiniso. Niyabo? Isibonakaliso sesikhathi! Ungahle ubuke ngqo phezulu kwakho, uthi, “A, umbhedo!”

⁴³ Kodwa kuwe akusiwo umbhedo. Kuwe, uhlangene neZwi, futhi naLi. Khona-ke ku—kungukuKhanya uqobo, Mfowethu Pat, ngenkathi—ngenkathi—ngenkathi—ngenkathi ubona lesisibonakaliso sihlangana nekhulwa. Futhi yilowo engikhuluma kuye lokhu, yikhulwa, ngokuba ongakholwayo akakuboni neze. Futhi ukusolwa okunje obekuyoba yikho ukuba Ubesemhlabeni namhlanje; kwabaningi abefundisi bethu basesontweni namhlanje, abangesifunde lesisibonakaliso; izibonakaliso esizifunda nsuku zonke lapha etabernakele, futhi sibona izinto. Nabanye bayasifunda futhi bebona isandla esiloba odongeni, futhi nokho abanengi basishaya indiva nje, futhi abasiboni ngisho nhlobo. Asiyilutho kubo nhlobo; abasiqapheli.

⁴⁴ Manje qaphelani, ukuthi kulesi, ukuthi Wa—Wakhomba ezibonakalisweni zikazwelonke. Manje, ngenkathi beMbuza ngalesi, babefuna izibonakaliso; futhi Wabanika izibonakaliso ezenzeka. Futhi babefuna ukwazi ukuthi kwakuzobanini ukuphela kwezwe, sasizoba yini isibonakaliso ekupheleni. Futhi Wabakhombisa izindawo eziningi emBhalweni ngezibonakaliso zikazwelonke, ngesibonakaliso sasezulwini amazulwini,

nesibonakaliso sasemhlabeni; Wabanika izibonakaliso, isibonakaliso, izibonakaliso, njalanjalo nje isibonakaliso. Futhi ngenkathi Ebatshela lapho endaweni eyodwa ngesibonakaliso sikazwelonke, Wathi, “Nxa nibona izizwe, niyabo, ziqala ukubuthana ngaseJerusalema, niyabo, khona-ke siyazi ukuthi isikhathi senkathazo yabo sasesiseduze, nxa nibona iJerusalema lihaqiwe yimpi.”

⁴⁵ Manje, ngaphambi kokuba bakwazi ukwenza lokhu, uNkulunkulu... Izwe ladingeka lihlngane. UTitus, lenduna enkulu yamaRoma wadingeka ahlnganise izimpi zakhe ndawonye futhi afike azungeze, emva kokuba lamaJuda ayesengqabe isibonakaliso esinikezwe nguNkulunkulu sesikhathi kuwo. Leso yisikhathi uTitus ahlnganisa ngaso izimpi zakhe ndawonye, futhi ufika ukuzothatha umuzi. Kuqala kwafanele kube khona ukuhlngana kwabantu bakaNkulunkulu (ababizwa kanjalo) bamelane neZwi likaNkulunkulu, ngaphambi kokuba isizwe sikwazi ukuzihlanganisa simelane nabantu bakaNkulunkulu. Niyabo, u—u—ubunye, ukuhlngana; behlangana ndawonye.

⁴⁶ Ngikholwa ukuthi siphila esikhathini esikhulu sokuhlngana. Ngehlisa lamalambu abomvu, neziboniso ezibani-banikayo nayoyonke into (zabesifazane, ukuthi benza kanjani; nabesilisa, ukuthi benza kanjani; namabandla, ukuthi enza kanjani), ngikhombisa kuleliqembu elincane, ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi ngiyakholwa ukuthi sishaya umugqa emgqeni weZwi likaNkulunkulu kulelihora elikhulu lesiprofetho, ngaphambi nje kokufika kweNkosi uJesu; sihlngana ndawonye futhi sima ngomumo.

⁴⁷ Manje, niyabo, ngaphambi kokuba uTitus ahlnganise izizwe ze... izimpi zakhe ndawonye, uIsrayeli bazihlanganisa ndawonye base bezibopha ndawonye, ukuthi babengezukumkholwa uJesu ukuthi unguMesiya. BaMenqaba, futhi baMxosha, futhi baMbethela. Kwase kuthi-ke, ngenkathi benqaba insindiso eyayithunyelwe kubo, bazihlanganisa ndawonye ukuba bakwenze. Manje, kubambe emqondweni lokho: bezihlanganisa ndawonye, ukuba benqabe uMlayezo wehora! Badingeka bakwenze lokho. Kwase kuthi-ke ngenkathi benza lokho, khona-ke isibonakaliso sikazwelonke siyangena.

⁴⁸ Izizwe ziqala ukuzihlanganisa ndawonye, noTitus wangenisa lempi enkulu yamaRoma namaGreki futhi wahaqa izindonga zeJerusalema, wavalela labobantu phakathi lapho manje, futhi babulawa yindlala. Badla ixolo ezihlahleni. UJosephus, usomlando omkhulu, uyasitshela. Futhi badla utshani obusemhlabathini. Babilisa ngisho abantwana bomunye nomunye futhi bayamudla; niyabo, sengathi babengabantu abahlanyayo. Kwase kuthi-ke ngenkathi, ekugcineni, uTitus, wayehlezi emuva phezu kwamagquma, ukuzungeza iJerusalema lapho, na—nalabobantu phakathi lapho babecabanga ukuthi

babenza intando kaNkulunkulu, ngenkathi bebona lezizimpi zimasha zingena. Banqaba ukuzwa leyoNkosi eNkulu, iNkosi uJesu, ibatshela lokho.

⁴⁹ Kwakungekho namunye walawomaKristu obanjwa phakathi lapho, ngokuba basibona isibonakaliso base besuka. Niyabo? Bathi, “Makuthi labo ophezu kwendlu angehli, noma lowo osensimini abuyele emuva, angathathi ibhantshi lakhe; kodwa abalekele eJudiya, futhi khulekelani ukuthi ukubaleka kwenu kungabi sesikhathini sasebusika noma ngeSabatha.” Ngoba, ngesikhathi sasebusika, a—amagquma ayobe egcwele iqhwa; futhi ngosuku lweSabatha, amnyango, iminyango wawuvalwa, isango, futhi babeyobanjwa kulesosimo. Niyabo? Sifuna ukungena kulokho masinya impela mayelana ne...ukuthi uNkulunkulu uzenza kanjani lezozinto, uma iNkosi ithanda.

⁵⁰ Qaphelani manje, I...Bakhulekela ukuthi kuyoba ngukuthi...kungabi ngaleyondlela, uJesu wabatshela ukuba bakhulekele lokho, futhi abazange babambe noyedwa wabo phakathi lapho. Babengasekho ngoba babuka isibonakaliso, futhi babengasekho; yilokho kuphela okwakukukho.

⁵¹ O, abefanele kanjani amabandla namhlanje ukubona isibonakaliso sesikhathi esiphila kuso! Balekani ngamakhulu amandla eningawenza niye eKalvari, nenzele ukuPhila; hhayi ebandleni elithize, kodwa kuJesu Kristu. Zihlanganise wena naYe, futhi hhayi nenye inhlango noma esinye isivumokholo sebandla. Hlangana noKristu, futhi uqiniseke ukuthi nguYe. Ngeke nje wathatha noma yini, ufanele ukuba uqiniseke ukuthi nguYe. Isikhathi esinje pho sobunye!

⁵² Manje, sithola ukuthi benqaba uMesiya base-ke bezihlanganisa ndawonye base bezidwebela inhlango, base benza i—i...isiphakamiso phakathi kwabo ukuthi uma noma yibaphi abantu abemukele uJesu njengomProfethi, ukuthi babeyoxshwa ebandleni. Niyamkhumbula umfana oyimpumpu the owayehlezi namehlo aphuphuthekile na? Nabafundi bathi, “Ubani owonayo na? Nguye, noma uyise, unina na?”

⁵³ Futhi uJesu wathi, “Kuloludaba, akekho; kodwa ukuze imisebenzi kaNkulunkulu yenziwe, yenziwe yaziwa.”

⁵⁴ Futhi khumbulani, bathi uyise nonina babengenakusho. Bathi, “Bayazi ukuthi lena yindodana yethu, kodwa asazi ukuthi iphiliswe kanjani.” Ngoba amaJuda ayethe noma yimuphi umuntu oMvumile ukuthi ungumProfethi, ukuthi babeyoxshwa ebandleni.

⁵⁵ Kodwa, niyabo, imisebenzi kaNkulunkulu wawungukuthi lomfana wayengesuye owaleloqembu. Futhi wathi, “Manje, kuyinto exakile kimi ukuthi anazi ukuthi loMuntu uvelaphi, kepha nokho Uvula amehlo ami.” Niyabo? Manje, wakwazi ukukusho. Niyabo, lowo kwakuyimisebenzi kaNkulunkulu.

Wayenziwe waphila, futhi wasinda, futhi wakwazi—wakwazi ukukusho ngoba wayengenazibopho eziboshelwe kuye ezivela nomaphi. Wayenguye imisebenzi owawenziwe kuye, futhi impela wabona okwakhe . . . okokuqala kwakhe empilweni yakhe.

⁵⁶ Manje, amaJuda azihlanganisa ukuba amelane noJesu na—nanokumelana nobuMesiya baKhe, noMlayezo wobuMesiya baKhe. Sibona into efanayo manje yenzeka, into efanayo nje. Ubukhomanisi buyahlangana ukubhubhisa ibandla, nendlela kuphela oku . . . lokho kusemva kokuba ibandla selizihlanganisile nalo, eMkhandlwini wamaBandla, uMkhandlu wamaBandla oMhlaba, ukuphika nokubhubhisa uMlayezo, iZwi! Balenqabile iZwi, amabandla alenqabile! AngeLemukele ngoba Limelene nesivumokholo sawo samahlelo; akunandaba ukuthi zingaki iziNsika zoMlilo ebezingalenga kwabethu . . . phakathi kwabantu, noma bangaki abantu aba . . . zingaki izinto ebeziyobikezelwa futhi zenzeke, nazozonke izibonakaliso ezinkulu Azethembisa zosuku lokugcina; bangekwenze.

⁵⁷ Ngakho-ke, bayazihlanganisa manje, nomelusi wenu lapha nabaningi banganitshela, ofundayo, ukuthi ba . . . banenhlango yenkolo yonke yobukristu ye—ye—yezwe. Ne . . . kunomfundisi wamaLuthela phezu kwayo. Lokho, uma kufika inhlekelele, yenzeke kulokhu ukwakhelana lapha; uma singahlangene nalowomnyakazo womkhandlu wenkolo yonke yobukristu, khona-ke ibandla lethu lingeke lisaba yibandla, futhi bangalisebenzisela ukuba yindlu yokubeka izimphahla. Kungenjalo uma omunye wabafowethu engabona omunye umuntu efa noma elimala, futhi azame ukumkhonza nganoma yisiphi isibusiso sangokomBhalo, singadutshulwa ngenxa yakho; kunjalo impela. Singagwetshwa iminyaka eyishumi ejele lenhlangano yamazwe ngokukhonzisa noma yini, ngoba asisilo ilunga lalomnyakazo wenkolo yonke yobukristu. Aniluboni uphawu lwesilo na? Niyabo? Niyabo?

⁵⁸ Manje, sibona lesisikhathi sokuhlangana siza. Niyabo? Manje, bhekisisani! Futhi manje-ke ibandla lizihlanganise lamelana noMlayezo; futhi manje-ke uma lenza lokho, izizwe zizihlanganisa ebuKhomanisini ukubhubhisa ibandla futhi; khona impela nje obakwenza endaweni yokuqala. Niyabo? Buyaziphinda bubuyela emuva futhi ngqo.

⁵⁹ UIsrayeli wadingeka awale uMlayezo kuqala. Futhi ngenkathi bewala uMlayezo, khona-ke ezempi, impilo kazwelonke yazihlanganisa ndawonye (zezinye izizwe), futhi ziyangena zase zibhubhisa ibandla. Futhi namhlanje, bawalile uMlayezo weNkosi uJesu, futhi baWalile. Futhi manje, isikhathi sesifike lapho ubuKhomanisi buhlanganisa izwe ndawonye limelane nebandla. Niyabo, kuzofanele kube ngaleyondlela. Manje, kul'khuni ukusho lokho.

⁶⁰ Kwakul'khuni kulawomaJuda ukukholwa, athi, “Manje wozani, bazalwane, siyabona ukuthi—ukuthi uNkulunkulu wethu—wethu unathi, futhi ngakho sizo—sizongena ethempelini. Futhi manje sizokhuleka, futhi sidedele ufata ocwebileyo uS'bani-bani nofata ocwebileyo uS'bani-bani ahole ngomkhuleko. Avale isango!” NoTitus wathatha isinqumo sakhe sokuma, futhi wama khona lapho cishe unyaka noma ngaphezulu. Niyabo, esekuqapheni ngqo, futhi wabalambisa ngqo. Kwakungabibikho namunye wabo owayephuma ngisho ngaphandle komuzi; futhi bafa, babulawa indlala. Futhi ngenkathi engena lapho futhi wadilizela phansi izindonga, igazi laphuma laqhuma futhi lageleza njengemifula ezansi laphaya lapho abulala khona ngokuceka yonke into eyayiphakathi lapho.

⁶¹ Manje, iNgelosi yeNkosi yakuprofetha lokho, emuva eTestamenteni eLidala, futhi yasho ukuthi lokho kuyokwenzeka. Nalabo befundisi owayengabefundisi basesontweni, owayefanele ukumiswa kulokho nokutshela abantu lokho; esikhundleni salokho, ngenkathi uJesu ema phakathi kwabo, babengaMazi ngisho; futhi bazama ukwenza o—o—olunye uhlobo lo—lonyawo lukanogwaja, “Senzele umgilingwane, asibone ukuthi kwenziwa kanjani—kanjani! Sikhombise isibonakaliso.” Niyabo? Futhi Wathi, “Ngi. . .” Ngani, Wenze izinto eziningi kakhulu, kepha nokho abakwazanga ukukubona. Niyabo? Kwase kuthi-ke ngenkathi beMenqaba njengowabo. . . uMlayezo wangalolusuku, benqaba uMlayezo wangalolusuku.

⁶² Behluleka ukubona isibonakaliso sangalolusuku. Nesibonakaliso se—sesiprofetho seBhayibheli senziwa phambi kwabo, futhi bathi, “Asingene manje!” Lawo ayengamadoda angcwele. Ayengamadoda owawungeke ubeke umunwe wakho empilweni yawo. Ayengeke abe yilokho, bese kuthi-ke—bese kuthi-ke abe ngu—ngu—ngumpristi. Umpristi wayebulawa, wayekhandwa ngamatshe aze afe nganoma yiyiphi into encane. Ngakho wayefanele aphile ehlanzekile, impilo engcwele. Wayengenakukwenza, ngoba wayekhandwa ngamatshe nganoma yini nje. Futhi manje babengamadoda amakhulu, namadoda angcwele emehlweni abantu, kepha nokho bangena base bethi, “Manje, sizo. . .SinoNkulunkulu, uNkulunkulu Obenathi yonke iminyaka. Sizongena ethempelini laKhe elingcwele.” Lelo kwakuyithempeli elingcwele likaNkulunkulu! Kodwa, niyabo, Wayekade aliwe ethempelini laKhe elingcwele. Niyabo? “Sizokwenyukela endlini yeNkosi. Manje nonke nina maHeberu niyazi ukuthi siluhlanga olukhethiwe, siyilo, lapha. NoNkulunkulu unguNkulunkulu wethu; uNkulunkulu kaAbrahama, uSaka, noJakobe. Unathi. Uzosikhulula kulawomaFilisti angasokile phandle lapho (njengoba kwakunjalo), lawomaRoma namaGriki. Uzosikhulula kulokho. Masiyongena endlini yeNkosi!”

⁶³ Lokho kuzwakala kahle; kodwa babenzi na? UMakhi wendlu wayephakathi lapho, esesimweni sombazi waseGalile othobile, futhi baMala; ngenkathi uNkulunkulu wayeMqinisekisile ngokuba yisiThunywa saKhe sehora, neGatsha. Futhi baKwala. Ngakho konke ukukhuleka, bonke ubuqotho, yonke imihlatshelo yabo ayishongo lutho kuNkulunkulu. Babekwenzile! NoNkulunkulu udedela lempi enkulu ihlangane ukukubhubhisa.

⁶⁴ Futhi siyabona namhlanje, njengoba amabandla ngamahlelo nokunye nokunye, ala iZwi likaNkulunkulu. Awafuni ukuba uwatshale ngalezizinto, nesayensi ingakufakazisa ngezithombe nazozonke ezinye izinto, futhi noma kunjalo abafuni kwenza lutho ngaLo. Ngakho ubukhomanisi buyabumba ukuba bulibhubhise, impela nje njengoba kwenza uTitus, neBhayibheli lathi bayokwenza. Impela!

⁶⁵ Manje, niyabona lapho esiphila khona na? Isikhathi sokuhlangana. Uma sibona lezizinto zihlangana, o; ngani, siyehluleka ukubona lezozinto! Ninga—ningabuka phakathi lapha emBhalweni futhi nibone lapho Akwethembisa khona lokho, Ayeyokwenza. Manje, siyakubona kufezeka. Siyabona ebandleni Athembisa ukukwenza; siyakubona kufezeka. Sibona izizwe zihlangana ndawonye. Sibona izimfundiso ezigqamileyo zihlangana ndawonye. Sibona amabandla ehlangana ndawonye. Yisikhathi sokuhlangana. Yihora lokuhlangana. Lowo ngumoya wonyaka, “Sifanele sihlangane.” Yonke into enikhuluma ngayo izofanele ihlanganiswe okwenhlangano; ngisho nohulumeni angeke akwemukele.

⁶⁶ Niyazi, njengesakhamuzi...Ngingeke njengesakhamuzi, njengesakhamuzi saseUnited States, nokho ngi—ngi...ubunganginika isheke lamadola amahlanu futhi bengingelokothe ukufaka igama lami kulo. Niyabo? Niyabo, bengingekwenze. Niyabo, yisikhathi sokuhlangana. Konke kuzofanele kwedule enyunyanyeni ethize yolunye uhlobo, naleyonyunyana iyona impela into eletha uphawu lwesilo. Niyabo? Isikhathi sokuhlangana, futhi kusebenza kuqhubeka ngqo kuze kuyongena kulokho. Ningakubona ngamehlo enu asobala nje, uma beningakubuka. Yisikhathi sokuhlangana, lapho yonke into ihlangana khona ndawonye.

⁶⁷ IJuda—amaJuda ahlangana amelana noJesu, njengowawo—njengoMesiya wawo. Ngakho-ke, siyabona ukuthi kwenzekani. Sibona into efanayo manje, ubukhomanisi buhlangana ukuba bubhubhise ibandla, emva kokuba ibandla selihlangene eMkhandlwini wamaBandla oMhlaba futhi lizama ukubhubhisa uMlayezo, iZwi likaNkulunkulu. Azama ukuLiqeda. Into kuphela angayenza ngukuzidwebela umkhandlu, ngenxa yokuthi ahlukene; iqembu elincane lapha, amaMethodisti, naBaptisti, namaLuthela, namaPresbyterian, ichurch of Christ, nokunye nokunye kanjalo. Angenze lutho, ngoba *leli* liyomelana

naleli, leli limelane nelinye, imfundiso yawo ingumehluko omkhulu nje njengoba impumalanga injalo kwintshonalanga. Niyabo, angekwenze. Kodwa eke abandawonye, phansi kwenhloko enkulu eyodwa, asenakho. Asenakho ngaleyonkathi.

⁶⁸ Yingaleyondelela amaKatolika esebunyeni kakhulu, iRoma eliKatolika, kusobala asebenyeni, a... iningi ngesibalo yiRoma eliKatolika; iGriki namanye amaKatolika a—awamaningi kangako njengeRoma eliKatolika. Manje ahlangu ndawonye, futhi yingalesosizathu ema ndawonye. Akunandaba ukuthi kwenzekani, lowophapha uyinhloko yayo yonke into. Niyabo? Futhi akunendaba ukuthi noma yimuphi omunye umuntu uhini, “Ungongenakuphosisa; u—u—ungumbambeli kaNkulunkulu, yilokho kuphela; useduze kukaNkulunkulu; unamandla omthetho phezu kwesihogo, iZulu, nesihlanzo.” Niyabo? Ngakho akukho-nto engenziwa kulolodaba; noma yini ayishoyo, yileyo ezofanele ihambe.

⁶⁹ Manje, amaProtestane iza wona inhloko kanjalo nje, okufanayo. Futhi iBhayibheli alisho yini ukuthi kwakukhona umfanekiso owenziwe esilweni na? Yini umfanekiso na? Yinto efana naso, yenziwe njengaso. Naso, into efanayo. Kuyini na? Ngokuzihlanganisa ndawonye, nalona ngumoya wonyaka, *uyahlangu*.

⁷⁰ Ehlangana ndawonye manje, ezama ukubhubhisa uMlayezo. AWubhubhisa kanjani na? Abengalibhubhisa kanjani iZwi likaNkulunkulu na? AngaLenza libe yize, libe yize, ngokuthatha amasiko njengoba enza emuva lapho ekuqaleni, futhi enza iZwi likaNkulunkulu ize. Niyabo, athi, “O, lokho yi... Ngempela, empeleni...” Niyabona lapho lona wesifazane ongumphiki-nkolo ozama uku...u...Ngiyakhohlwa ukuthi ubani igama lakhe manje; uma nje bengingalibiza. U... Ngizama ukucabanga ngamaningi kakhulu.

⁷¹ Mina ngicabanga ngaloNobuhle weZizwe ngoluny’usuku; ngifisa sengathi ngabe sasinomunye onjengalowo ovukayo. Wayenguye owangena emabhareni futhi wabhidliza iwiski, futhi watshinga phandle amasayini nayo yonke into injalo. Abavuki ngani abanye owesifazane namhlanje abanjalo, futhi baphume lapha futhi bazidabulele phansi ezinye zalezizithombe ezinqunu zalaba besifazane besizwe sakubo uqobo, nezinto ezinjalo na? Lokho, abasenakho.

⁷² Manje, kodwa lona wesifazane, umphiki-nkolo, owathi lokho—lokho “iBhayibheli liphambene nomthetho wombuso, ukulifunda ezikoleni zomphakathi,” nezinto ezinjalo.

⁷³ Manje bona futhi, niqaphelile yini futhi, bazama ukusho manje, nabatadishi abakhulu bomBhalo, bathi “okuningi kwesiprofetho okwaprofethwa eBhayibhelini kwakuyiphutha uqobo, futhi akuzange kufezeke.” Futhi nizwile ngalokho futhi nakufunda. Futhi bazama ukusho yonke into; niyabo,

bazama ukubhubhisa ukusebenza kwaleloZwi. Uma kuphela bengabhubhisa futhi baLibambise ngesivumokholo noma into ethize umuntu anayo, okubonakala emehlweni abo kungcono kuneZwi, khona-ke baLibhubhisa ngesiko labo—labo. Futhi bazama kanjalo-ke ukubhubhisa iZwi likaNkulunkulu, kungezombusazwe zamahlelo.

⁷⁴ Manje, ibandla ngalinye linezombusazwe zalo uqobo. Ichurch of Christ inezalo, iChristian church inezalo, namaBaptisti, namaMethodisti, nePresbyterian; onke anezombusazwe zawo ezehlukene. Manje, ayasuka kulokho ngoba ehlukenene. Niyabo, lalingeke likwenze ngaphambilini, azofanele akwenze manje. Niyabo, lesi yisikhathi sokuhlangana, futhi manje onke akubeka ndawonye futhi ayakuhlanganisa phezulu futhi abone ukuthi aphuma nani. He, kufana nokubhaka ulofu wesinkwa enyameni yehashi, nenkucunkucu ephuma ekanini, nanoma yini enye ababenayo ndawonye; futhi bakuxove ndawonye, bese bephosa amanye amazambane abolile nezinto ndawonye, bese ubona ukuthi uphuma nani. Impela angifuni nayikuphi kwakho. Qhabo, mnumzane! Yileyondelela abenza ngayo. Niyabo, bathatha abantu abakholwa ukuthi uJesu wayeyingane kwane, ibandla elikholwa ukuthi uJesu wayeyingane kwane; omunye, abanye ukholwa ukuthi WayengumProfethi.

⁷⁵ Omunye uthi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule.”

⁷⁶ Omunye wathi, “Ingahle ibekhona into enjalo.”

⁷⁷ Nakho konke lokhu ndawonye; neBhayibheli lathi, “Kungahamba ababili bengavumelananga na?” Niyabo? Manje, yilolohlobo lobunye abanalo. Nokuba nofata othize ocwebileyo omkhulu ukumbeka phezu kwabo, futhi lapho unomfakeniso kuso isilo, khona impela nje iBhayibheli elikushoyo. Manje banomfundisi oyiLuthela, inhloko yabo. Awu, siyabona yisikhathi sokuhlangana. Yinto efanayo manje, ubuKhomanisi nakho konke kuhlangana ndawonye; ezweni, nasebandleni nokunye nokunye, kuhlangana ndawonye.

⁷⁸ Bhekisisani imvelo. O, he! Imvelo, uma nje nizobhekisisa imvelo, yenza into efanayo. Imvelo iyikhalenda likaNkulunkulu lezibonakaliso. Benikwazi lokho na? UJesu wabatshela ukuba babhekisise imvelo. Ulwandle luyobe luduma, niyabo, futhi kuyoba nezinto ezehlukene, nokuzamazama komhlaba okuningi kuzindawo ngezindawo, umbango kazwelonke, izibonakaliso ezulwini, izibonakaliso emhlabeni, ndawo zonke kuyoba nezibonakaliso zalezi isikhathi esizayo.

⁷⁹ Bhekisisani amafu. Ngaphambi kokuba amafu akhuphule isiphapho semvula, niyazi ukuthi kwenziwa kanjani na? Amafu amancane amaningana ayahlangana, enze ifu elilodwa elikhulu. Awu, leli linesixukwana somoya ulivunguzisa, leli elinye linesixukwana esincane somoya ulivunguzisa, futhi onke

avunguza ndawonye, bese-ke eba nesivunguvungu. Niyabo? Ayahlangana ngaphambi kokuba abe nesiphepho; afanele.

⁸⁰ Bhekisisani amadada namahansi ahlangana ndawonye ngaphambi kokuba asuke ezweni lawo. Niyabo? Ahlangana ndawonye. Ungawabona endiza esuka kulesisiziba eya kuleso siziba, esuka lapha eya laphaya, onke eqoqana ndawonye. Ayahlangana, elungela ukusuka kwawo. Niyabo, nje ku...leyo yimvelo, futhi uNkulunkulu wadala imvelo, futhi imvelo isebenza ngesu likaNkulunkulu. Ngumthetho, umthetho kaNkulunkulu ongalotshiwe, ukuthi imvelo isebenza ngokomthetho waKhe.

⁸¹ Njenga nje, ukukhuluma nje enkonzweni yomngcwabo, ngamanzi *esihlahla* ehlela ethuneni, phansi ekugcineni kwempande yesihlahla, ukulala lapho kuze kube ukuvuka entwasahlobo. Ngumthetho kaNkulunkulu. Akukho buhlakani obungenza lawomanzi esihlahla ehlele lapho; ubungeke uwamunce uwakhiphe, ubungeke uwasenge uwakhiphe. Ayikho indlela yokukwenza kunoma yibuphi ubungcono kunoma uNkulunkulu eyenza. NoNkulunkulu unendlela ephelele. Ngakho uma iqabunga liwohloka, khona-ke Uthumela amanzi esihlahla ehlele ethuneni bese ewafihla. Njengoba uJobe athi, “Ngifihle endaweni yabafileyo kuze kwedlule ulaka lwaKho.” Niyabo? Ehlela lapho ngoba ngumthetho wemvelo, ngaphambi kwesithwathwa. Bukani amaqabunga manje eqala ukuwa. Ngani na? Ngumthetho wemvelo.

⁸² Amadada ayobuthana, onke, bese ebuthana azungeze umholi. Phakathi lapho ayokwazi ngandlela thize, angazi ukuthi akwenza kanjani, kodwa ayazi ukuthi lelodada eliyiqhude elincane elithize linghamholi. Nalowomfo omncane, onke ayobuthana bese ebuthana alizungeze ngqo, bese ekhuphukela ngqo emoyeni. Futhi liyo...alikaze lisuke kulesosiziba manje, kodwa liyohamba nje liqonde ngqo eLouisiana noma eTexas ngokuhamba kwalo, liye ensimini yerayisi. Niyabo, ngaphambi kokuba aye ekundizeni kwawo, ukuba ashiye ikhaya lawo lapho kade ezalwe khona ngalowonyaka, ahlangana ndawonye. Amen! Nakho lapho okhona; ebuthana azungeze umholi wawo.

⁸³ Inkathazo yakho ingukuthi, ngomuntu, akamazi umholi wakhe. Yebo, mnumzane. Bayobuthana bazungeze ihlelo, bayobuthana bazungeze umbhishobhi noma umuntu, kodwa abayikubuthana bazungeze uMholi, uMoya oNgwele eZwini. Niyabo? Bathi, “O, awu, ngesaba ukuthi ngizothi ukuba ngowuhlanyana; ngesaba ukuthi ngizochezukela onyaweni olungafanele.” Oooo, nakho lapho okhona! Ukuba-ke idada elincane lathi, “Angiyithandi nje indlela eligcina ngayo izimpiko zalo. Angikholwa ukuthi ngizolilandela.” Uyoba yiqeqeba lamakhaza ufe. Niyobanjwa phezulu lapho, uma ningahambisani noku—nokundiza njengoba lihamba. Lizihlanganisa lona uqobo ndawonye, nemvelo yenza lokho.

⁸⁴ Amahansi lizihlanganisa wona uqobo ndawonye, libuthane wona uqobo azungeze umholi wawo; enza into efanayo.

⁸⁵ Senake naziqaphela izinyosi zihamba iqulu na? Izinyosi ziyozihlanganisa zona uqobo ndawonye, ngaphambi kokuba zihambe zibe yiqulu, zizungeze ngqo unomthebe wazo. Kunjalo. Futhi lapho eya khona, zisuka ziye khona nazo. Yebo! Zenzani na? Ziyahlangana ngaphambi kokuhamba iqulu. Impela; yonke imvelo!

⁸⁶ Inhlanzi izihlanganisa ndawonye ngaphambi kokuba kuhambe intwasahlobo. Ziphumela olwandlekazini, ungazithola; lezo ezinkulu... esizibiza ngokuthi “ondlwana,” inhlanzi isalmoni. Uma zenyukela lapho, ngaphambi kwalokho kuhamba kungene, uyozibona ngamashumi ezinkulungwane, phandle kulololwandle, ziza zizungeza zizungeza; amanzi kasawoti, kodwa empeleni ziyizinhlanzi zamanzi afreshi. Futhi nazi ziza zenyukela ngqo kulawo manzi afreshi, ukuba zenyukele inkathi yokuzalela. Zenyukela lapho futhi zizalele, cishe njalo eminyakeni emine, bese zifa emva nje kokuzalela. Futhi ziyazi ukuthi ziya lapho ukuyokufa, futhi ubungezimise ngalutho. Ziyokweqa amalada ezinhlanzi nayo yonke enye into, zinyukela lapho, zazi ukuthi ziya ekufeni kwazo. Kodwa umthetho wemvelo uyazenza, zazi ukuthi zinyukela lapho futhi zizalele emgodini, bese zifa. Nabantwana bayaphuma, futhi into ethize ibahlanganisa ndawonye-ke, futhi baphumele olwandlekazini. Ngukuhlangana! Ngumthetho. Ungeke nje wawehlula umthetho kaNkulunkulu.

⁸⁷ Izizwe zi—ziyahlakazeka, ngokuba isikhathi manje esisibonayo ukuthi—ukuthi zifanele zenze lokhu. Sisekuqhubekeni kokuphazamiseka kukazwelonke. Sibona izizwe zihlakaza ubudlelwane. Unyaka ngonyaka, sithola *lesisizwe* sigwinywa ebukhomanisini; *lesi* sigwinywa ebukhomanisini. Futhi khona lapha esizweni sakithi uqobo, senziwe ikhekheba lezinyosi nobukhomanisi, futhi buzophatha! Niyabo, buzokwenza, ayikho indlela yokubumisa. Ngani na? Isizathu esifanayo owawungeke umise uTitus ngaso. Abantu wenqabe uNkulunkulu neZwi laKhe. Yebo, mnumzane, ngakho bazokwenza, futhi siyakubona ngqo kuqhubeka.

⁸⁸ Mina, ngokwejwayelekile, ngithatha amahora awathi awabe mabili; sengivele cishe sengibe nemizuzu engamashumi amathathu, khona manje. Niyabo? Kodwa ukungenisa konke lokhu, ngiyaphusha nje. Kutadisheni uma nifika ekhaya.

⁸⁹ Qaphelani, bayahlangana khona manje. Wena uthi, “Mfowethu Branham, ngabe lokho yiqiniso na?” Beza eMpini yaseArmagedoni; khona impela abayokwenza. Niyabo? Futhi bahlanganela lokho khona manje. Yingakho sinehlalano yezizwe iU.N. nayoyonke into esinayo. IZwe laseNtshonalanga lihlangana ngokumelana neZwe

laseMpumalanga, ubukhomanisi nokunye kanjalo, konke kuhlangu ndawonye. Amabandla ahlangu ndawonye. Yonke into ibonakala ihlangu. Ihlangu, bezihlanguisa bona uqobo ndawonye, siyakubona lokho.

⁹⁰ Futhi, ngenkathi konke lokhu ukuhlangu kwesizwe, lezizibonakaliso, izibonakaliso zikazwelonke, siyabona phandle lapha ezweni, ukuzamazama komhlaba okuningi kwizindawo ngezindawo, izinto ezehlukene zihlangu; zihlanguisa izwe ndawonye, zihlanguisa abantu ndawonye, onke amabandla ndawonye, zonke lezizinto. Futhi ngenkathi konke lokhu kuhlangu kuqhubeka, kukhona okunye ukuhlangu okuqhubekayo. Amen! Yilokho engifuna ukunikhombisa khona manje.

⁹¹ UNkulunkulu uhlanguisa uMlobokazi waKhe. Uyahlangu, kusuka eMpumalanga neNtshonalanga, neNyakatho neNingizimu. Kunesikhathi sokuhlangu, futhi lesi sikhona manje. Uhlanguela ini na? UHlwitho. Amen! UNkulunkulu uyaMlungiselela. Yebo mnumzane, ehlangana! Uhlangu nani na? NeZwi! “Ngokuba kodlula konke amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze ledlula.” Uzihlanguisa Yena uqobo no ISHO KANJE INKOSI kungakhathaleki ukuthi noma yiliphi ihlelo kumbe noma yimuphi omunye umuntu uthini. Uzihlanguisa Yena uqobo. Uyalungiselela. Ngani na? UnguMlobokazi. Kunjalo. Futhi Uzihlanguisa Yena uqobo noMyeni waKhe, niyabo, noMyeni uyiZwi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu.”

⁹² NeBandla noMlobokazi neZwi kuba kunye kakhulu, kuze kuthi lona impela iZwi qobo lwaLo lisebenza umsebenzi woMyeni. Amen! Niyakubona na? Ukuhlangu! Akusesikho ukuthi, “Joyina ibandla”; akusesikho okwalokhu, kodwa balekelani yonke into futhi niboshelwe kuJesu Kristu. Niyabo? Yisikhathi sokuhlangu. UNkulunkulu, ehlanganisa uMlobokazi waKhe ndawonye, eLibuyisa; impela nje. Ehlanguisa amaZwi esithembiso saKhe.

⁹³ KwabaseThesalonika besiBili, isahluko 2; Kuthi, lesisahluko 5 sithi, “Abangcwele abaleleyo othulini lomhlabathi bayovuka. Bese kuthi-ke thina siyohlangana nabo (abaphilayo, nalabo obekade efile), siyohlangana ngaphambi kokuba ngisho senyukele Lapho,” ngoba uMlobokazi uyoba ngopheleleyo uma Efika Lapho. Labo ophilayo, ozihlanguisa bona uqobo neZwi, nalabo asebevele behambile benza lokho; futhi Konke kuhlangu ndawonye, kwenze okukhulu ukuhlanguiswa okukodwa kokuhlangu ngaphambi kokwenyukela Lapho. Amen!

⁹⁴ Ubukhomanisi buzovuka, lezi ezinye izinto izovuka, nebandla lizozihlanganisa lona uqobo phandle ngaleya, ngenkathi labo...nezizwe phandle lapho ngoMkhandlu wamaBandla oMhlaba; noMlobokazi uzozihlanganisa Yena uqobo phansi kweZwi likaNkulunkulu. Ukuze enze lokho, uNkulunkulu uthumele phansi isibonakaliso saseZulwini nezinto, ezifakazisa eBandleni, njengoba Ezokwenza esizweni. Amen.

⁹⁵ UNkulunkulu; isikhathi sokuhlangana! Yebo, mnumzane. O, he! Manje, khumbulani manje, kunokuhlangana kweZwi (libuya lihlanga futhi), libuyisa “ukuKholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangwele.” Kubuyisa! Ukuthi lokhu bekungenziwa kuphela ngalolusuku. Isikhathi kuphela obekungenziwa ngaso sikhona manje. Akukaze kuhlaselwe noma kuyiphi enye indawo; baphambukela ekuzitikeni kwamahlelo. Kodwa manje, akusesikho okokuzitika kwamahlelo, ngoba yisikhathi sokuhlangana kwabesilisa nabesifazane bazozonke izinhlanga, yonke imibala, yonke inkolo, yonke into phansi kukaKristu ngomBhaphathizo kaMoya oNgwele futhi kubuye eZwini.

⁹⁶ Isikhathi sokuhlangana kweBandla! O, he! Kuhlanganisa onke amaZwi abehlakazekile konke phesheya ngalezizinhlango: selokhu kwasukela eNayisiya, eRoma, ngenkathi behlela ibandla lokuqala, futhi bahlele uLuther, bahlela uWesley, bahlela onke amanye amabandla. Futhi enza lokho, adingeke ukuba azithathele isivumokholo, kwase kuthi-ke ngenkathi uNkulunkulu ethumela enye into ethize, babengena kuYemukela. Ngakho-ke, kwakungenakwenzeka kwaze kwaba manje. Futhi uNkulunkulu wethembisa, ngezinsuku zokugcina, ukuthi “ukuKholwa kwawobaba kuyobuyiselwa kuMlobokazi futhi,” ukuthi kuyoba ngalendlela, futhi bekungebe ngesinye isikhathi kodwa lesisikhathi. Bukani ukuthi sibonelo sini esivela eZulwini, njengeNsika yoMlilo ilenga phakathi kwethu, nangezibonakaliso nezimanga zeNkosi uJesu Kristu. Futhi ngenkathi Ikhuluma kithi, Akwehluleki neze ukuba ngokupheleleyo echashazini. Amen! Manje-ke siyabona lapho esimi khona. Isikhathi sokuhlangana!

⁹⁷ Sibona izizwe zihlangana, sibona izwe lihlanga, sibona ubukhomanisi buhlangana, sibona amabandla ehlangana; futhi sibona uNkulunkulu ezihlanganisa Yena uqobo noMlobokazi waKhe, aze Yena neBandla abeyinto efanayo. Haleluya! Njengesivivane lapho. Kunjalo! Bezihlanganisa ndawonye; uNkulunkulu ehlanganisa! Ngani na? Akukaze ngaphambilini, kusukela onyakeni webandla wasekuqaleni, ike iNsika yoMlilo ibe phakathi kwabantu. Akukaze ngaphambilini, kusukela onyakeni webandla wasekuqaleni, bake babona izinto esizibona namhlanje. Futhi lokhu kwenziwa kwenzeka ngenkathi uNkulunkulu ethumela iziMpawu eziyisiKhombisa futhi usinika isibonakaliso ngaKho, futhi wathumela iziNgelosi

eziyisikhombisa zehla ziphuma eZulwini; futhi kufikela ukubuyisela leloZwi elihlakazekile kuwo amahlelo, futhi kukubophele emuva eZwini likaNkulunkulu futhi, ukwehlisa uMoya waKhe oNgcwele.

⁹⁸ UJesu wathi, “Uma nihlala kiMi neZwi laMi likini, khona-ke celani enikuthandayo, kuyokwenziwa kini.” Ukuhlanganisa uMlobokazi emuva neZwi, okunguNkulunkulu. IBandla neZwi, hhayi iBandla nesivumokholo, iBandla neZwi; uMlobokazi neZwi behlanganiswe ndawonye. O, he! Ini... Ukubuyisela emuva ini na? UkuKholwa kwawobaba bephentekoste basekuqaleni, niyabo, okwakukade kuhlakazekile ngeqembu likaLuther. Hhayi uLuther qobo lwakhe; hhayi uLuther, hhayi uWesley, hhayi labobasunguli abakhulu. Kodwa emva kokuhamba kwabo, kwabanebandla elivuswayo, futhi ba... abakwenza ngalokho ngaleyonkathi, benza inhlangano ngakho. Bemukela izivumokholo nokunye nokunye, futhi basuka bahamba. Futhi babukeni namhlanje, manje bangene kulowoMkhandlu wamaBandla oMhlaba.

⁹⁹ Manje, niyabo, kodwa ngezinsuku zokugcina, niyabo, sibona izinto zenzeka manje okungakaze kwenzeke ngaphambilini. Niyabo, yisibonakaliso sikaNkulunkulu, nakho konke lokhu kuhlangana kuyisibonakaliso sesikhathi. Manje, sifuna ukubuka kulokho ngokucophelela futhi siqiniseke ngempela ukuthi siyakuthola. Sishiya i... bashiya iZwi leqiniso ngamahlelo; ukwemukela isivumokholo nemibono yamadoda ahlukene esikhundleni sokuthatha iZwi.

¹⁰⁰ ISambulo 10 sathi, “UMlayezo wengelosi yesikhombisa.” Manje khumbulani, lokho kusemaCilongweni ayisiKhombisa ngqo, futhi kunezingelosi eziyisikhombisa ezibetha amaCilongo ayisiKhombisa. Yilokho esiza kukho ngokulandelayo. Kodwa khumbulani lapho, impela uqobo Kwathi, “Okwengelosi...” hhayi iCilongo lengelosi yesikhombisa, kodwa u “Mlayezo wengelosi yesikhombisa.” Niyabo, hhayi ingelosi yeCilongo, ingelosi yoMlayezo! Niyabo, ingelosi yabetha icilongo kuphela, leyongelosi yesikhombisa, ingelosi yeCilongo. Kodwa lokhu kuthi, “Ngezinsuku zoMlayezo wengelosi yesikhombisa,” niyabo, lapho uMlayezo wayo usuphelile. Niyabo, lowo nguMlayezo wonyaka webandla. Kulesisikhathi, manje-ke iyo... uMlayezo, hhayi iCilongo, ne “mfihlakalo kaNkulunkulu (elotshwe eZwini) isiyakube ifeziwe.”

¹⁰¹ Manje bukani ukuthi suku luni esiphila kulo! Bukani lezozimPawu, ukuthi lokho kwalidweba kanjani leloZwi likaNkulunkulu elihlakazekile, ukuthi yini uLuther nabo bonke abanye, ukuthi labo baguquli abakhulu abaphumayo; kubuya ngqo futhi kwakukhombisa eBhayibhelini, lapho abayoba khona; wonke umuntu endawaneni yakhe ngqo, ukuthi uyokwenzani nokuthi kuyokwenzekani ebandleni; ukuthi uyokwenzani, nokuthi kuyokwenzekani ebandleni;

zonke lezizinto wazishiya. Bese kuthi-ke, ngosuku lokugcina, lapho esasingazi lutho ngakho, kwasitshela kungakenzeki ngento ethize yenzeka; futhi ngisho namaphephandaba nezinto kwakucosha, futhi kuza kwehla ngqo futhi kuyakwembula futhi kubophela izimfihlakalo ndawonye. Amen! Mfowethu, lokho kungokuhle kakhulu kimi! Lokho, kimi, kushayisa umugqa iZwi. Angikhathali ukuthi—ukuthi... noma ngiyakukhathalela okushiwo ngabantu, akucabangayo, kunjalo, kodwa kimi kuyiQiniso, ngiyakukholwa lokho.

¹⁰² Njengezazi, ziza zehla zivela eBabiloni, zadazuluka, “Uphi Lowo, ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? Usemhlabeni, khona manje. Sifanele siMthole.” Kunjalo. Futhi ngikholwa ukuthi Usondele kakhulu ekufikeni ngangokuthi ngingathi, “Bheka, uMyeni uyeza! Ngizwa ukumemeza kwaphakathi nobusuku!” Amen! Sisesikhathini sokuphela ngqo. O, he, ihora esiphila kulo. Qaphelani. Niyabo?

¹⁰³ Usuku olunje pho! Isikhathi esinje esisiphilayo, lemfihlakalo enkulu kaNkulunkulu ifezwa; ingenisa ubuNkulunkulu, ikhombisa ukuthi Kuyini; ukuthi lezizimfundiso ezincane ezigqamileyo zikanjani, kwase kunyamalala wayeseMenza *lokhu*, nomunye umuntu waMenza *lokhu*, nomunye umuntu waMenza *lokho*. Kodwa iNgelosi yeNkosi iyeza yehla yase yenyusa zonke izimfundiso zabo ezigqamileyo, yase inyomula leloQiniso kukho, futhi yaLethula. Futhi Nanto, Liphelele nje ngakho konke, ayikho enye indlela obungayihamba. Nanto, yilokho Ayikho. Niyabo, inzalo yenyoka enobuqili, zonke—zonke lezizinto ezehlukene obekuyimfihlakalo kakhulu phakathi kwabantu. Niyabo? Kuyini na? Wayene... Lesi yisibonakaliso kukuphi na? Ukuhlangana!

¹⁰⁴ Wathini kuMalaki 4 na? Uyobuyisela! Abuye abuyisele ukuKholwa kwephentekoste kwasekuqaleni, kubuyele kubantu noMlayezo ofanayo wephentekoste, isibonakaliso sephentekoste esifanayo, ubufakazi obubonakalayo bephentekoste obufanayo, uNkulunkulu ofanayo, Amandla afanayo, ukufundisa okufanayo, yonke into ncamashi, nesiqinisekiso seNsika yoMlilo efanayo eyashaya phansi uPawulu esendleleni, ehlela eDamaseku; ephakathi kwethu namhlanje, yenza izinto ezifanayo Azena ngalolosuku. Ehlanganisa!

¹⁰⁵ Sibona izizwe zihlangana, sibona izwe lihlangana, sibona amabandla ehlangana. Sibona uMlobokazi ehlangana, ehlangana neZwi. Ngani na? IZwi linguNkulunkulu. Futhi njengoba iZwi... NjengoMyeni (eyiZwi), noMlobokazi (engumuzwi weZwi), bahlangana ekuHlanganeni. Bahlangana njengomshado. Niyabo, balungiselela umshado, futhi ba—babamunye. IZwi liba nguwe, wena uba yiZwi. UJesu wathi, “Ngalolosuku niyakukwazi. Konke uBaba ayikho, Ngiyikho; futhi konke eNgiyikho, niyikho; nakho konke eniyikho, Ngiyikho. Ngalolosuku niyakukwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba

ukiMi, Ngikini, nani nikiMi.” Niyabo? Nga “lolosuku.” Suku luni na? Lolosuku! Sithola izimfihlakalo ezinkulu ezifihliwe zikaNkulunkulu zembulwa. O, ngikuthanda kanjani lokho!

¹⁰⁶ O, bhekisisani ukuthi isayense neZwi kwakungaqhathaniseki kanjani, njengoba benza namhlanje. Babengenakukwenza ngaphambilini. Kumanje nje lapho bengakwenza khona.

¹⁰⁷ Qaphelani, Wathi, “izibonakaliso zasezulwini, izibonakaliso zasezulwini.” Isayense, nezibonakaliso zikazwelonke; manje banezibonakaliso ezinkulu esibhakabhakeni namhlanje, banosomkhathi nayoyonke into. Kodwa benzani labosomkhathi esayenseni yezwe na? Ibaletshela ukwesaba. Abazi ukuthi sikhathi sini abangathumela phezulu into ethize enjalo futhi nje iqathaze lamabhomu, futhi asisayikubabikho. Niyabo? Manje leso yizibonakaliso abanazo, ukubonakala okusabisayo ezulwini. Niyabo? Banazo, imicibisholo amamazayili yama atomu nayo yonke into, zonke izinhlobo zezibonakaliso.

¹⁰⁸ Niyabona lapho abasayina khona lesi—lesisivumelwano, ngoluny’usuku, ukuthi babengasayi kuqhumisa amanye amabhomu phandle ngaleya, kodwa manje bahamba ngaphansi kwamanzi futhi phansi emhlabathini, bewahlola nje ngokufanayo. Niyabo? Basayina isivumelwano, “Ngeke sakwenza lokhu, uma nithi ningeke nakwenza (kodwa sizobuyela emuva ngale ekhaya futhi sikwenze ngalendlela; sisazi ukuthi nenza ngendlela efanayo laphaya).” Niyabo? Akukho—nto nje, nje ku...akukho kuthembana phakathi kwabo, akukho—akukho lutho. Unga...Niyabo? Futhi wonke umuntu wesaba omunye. Leso yisibonakaliso esisabisayo.

¹⁰⁹ Isayense nomuntu nezizwe uveze isibonakaliso esisabisayo ezibhakabhakeni. Kunjalo impela. Manje, besabana. Futhi kade kunesibonakaliso sasezulwini esinikezwa i...Niyabo manje, banesibonakaliso ezulwini futhi, isibonakaliso esisabisayo, indoda kusomkhathi; ingahle ibe nomcibisholo imizayili ye atomu, futhi ingaqathaza futhi ibhubhise sonke isizwe. Yenyuke ngosomkhathi, futhi ime phandle lapho. Akukho—lutho okubavimbela ekukwenzeni. Impela bangakwenza, ba...noma ngasiphi isikhathi abafuna ukukwenza ngaso. Bangaliletha othulini uma bebefuna ukukwenza, kodwa...emizuzwini eyishumi nanhlanu ukusukela manje. Futhi okungenziwa ngoyedwa, omunye ngaleyondlela, naye. Ngakho, niyabona ukuthi banesibonakaliso, kodwa lolohlobo lwesibonakaliso lubenza besabe.

¹¹⁰ Bahlangana ndawonye, behlanganisa amandla abo. Izwe elikhululekile, bahlanganisa amandla alo. Ubukhomanisi buhlanganisa amandla abo neRashiya. Wonke umuntu; kodwa omunye usaba omunye. Niyabo, yisibonakaliso esisabekayo. Kunjalo. Leso yizibonakaliso zikazwelonke, nezinto.

¹¹¹ Kodwa iBandla lemukele iSibonakaliso saseZulwini: uSomkhathi! Amen! UJesu Kristu, ngesimo seNsika yoMlilo; Ayeyiyo eTestamenteni eLidala, Ayeyiyo ngenkathi Ehlanguana noSawulu endleleni ebheke ezansi lapho eDamaseku, uJesu ofanayo namhlanje lapha! Futhi Yenzani na? Ngabe Iletha ukwesaba na? Iletha uthando, ukuhlanganisa omunye nomunye. Amen! Ukuzwelana. Iletha uThando lukaNkulunkulu, o, isihlanganisa futhi isiletha, uMzimba kaKristu, ebunyeni njengoMlobokazi. Yilokho ekwenzayo manje, lokhu ukuhlanganiswa okukhulu uNkulunkulu a . . .

¹¹² Bazihlanganisa bona uqobo, iqembu elilodwa *lapha* ukulwa nelinye, iqembu elilodwa *ngapha* ukulwa nelinye. Lapha ibandla limi phakathi kwawo; bhekisisani ukuthi kwenzekani, liyohlangana nawo. Kunjalo impela. Kodwa, manje, sithola ukuthi lokho kuletha ukwesaba nezingxaki.

¹¹³ Kodwa iBandla, uMlobokazi, lihlanganiswa nguNkulunkulu oyedwa, phansi koMoya owodwa, uMoya kaNkulunkulu, ekuHlanganisweni kukaNkulunkulu okungcwele okukodwa, ukuba kube nguMlobokazi oyedwa ongewele kuNkulunkulu. Kunjalo, konke kanyekanye; ubunye boMzimba. UMzimba ulinde njengoMlobokazi; njengoba—njengoba kunguMlobokazi, njengoba sizibiza ngoMlobokazi. Senzela isikhathi sokuhlangana soMlobolakazi, iBandla liza kanjalo ndawonye. Kufanele kudale uthando nje phakathi kwethu, ngangokuthi kungaba lukhuni ukuba siqhelelane omunye nomunye. Kunjalo. Nje si . . .awudingi ukuba uncenge abantu ukuba bakhuleke, awudingi ukuba ubancenge bakhonze uNkulunkulu, awudingi ukuba ubancenge benze okulungileyo. Bathandana nje kakhulu naYe, kuze kungabibikho lutho olunye.

¹¹⁴ Ucabangani ngentombazanyana, intombi encane enhle ngempela, ezoshada nensizwa ethize ebukekayo ethandana nayo kakhulu sakuhlanya nje, kusho lukhulu kuyo kunempilo yayo uqobo, futhi iyazi khona manjalo ukuthi bazoshada. Lapho lolosuku lomshado lusondela, lowomfo omncane, ngiyanitshela, ngakho konke i “yahambahamba.” Niyabo? Nje yenza yonke into ilungele; izinikela ngokuphelele kuyo. Kunjalo. Yonke into eyithokozisayo, yilokho nje efuna ukukwenza. Awu, leyo kufanele kube yindlela yeBandla namhlanje, ukuthi ukuphila kwethu kufanele kufihlwe kakhulu kuNkulunkulu ngoKristu, kuvalelwe lapho ngophawu ngoMoya oNgcwele.

¹¹⁵ Into ekade ngiyishumayela kini lapha, ngukunitshela ngalezizibonakaliso nezinto ezehlukene zenzeka, anginaso isikhathi sokukwenza manje; ngiyokwenza komunye umlayezo, iNkosi ithanda. Kodwa kunento eyodwa encane esasilele namanje eBandleni. Futhi siyayifuna leyo, ukufika kuleyo, futhi ngisemphethweni wayo ngqo manje. Niyabo? Sifuna ukufika kulokho, uma . . .ufanele ukwenze. Uma ungakwenzi, yilokho kuphela nje, ufanele ukwenze. Ngokuba bukani, isikhathi

sokuhlangana sesiseduze, ngokuba uNkulunkulu uhlanganisa iBandla ukuba libe wu—wuHlwitho ukuba liye emshadweni ukuHlanganiswa oKukhulu: lapho uNkulunkulu nomuntu beyohlangana iPhakade, lapho izidalwa zesikhathi zihlangana nezaPhakade.

¹¹⁶ Kwake kwenziwa esimweni seNdodana yomuntu emhlabeni. Futhi Yafanele inikele ngokuPhila kwaYo ukuletha amandla, ukuhlanganisa abanye abantu nalaMandla afanayo, kwenzelwe uMlobokazi kaJesu Kristu. Futhi manje iBandla lizihlanganisa Lona uqobo eMzimbeni kaKristu. Lizithola Lona uqobo likhululekile, lizinqumile kuzozonke izibopho ezincane, Lizilungiselela; lihlanganana, ukuhlanganiswa phakathi kwabo; o, uthando nokujabula, noMoya oNgcwele uhamba phakathi kwabo. O, he, isikhathi esinje pho!

¹¹⁷ Njengoba sibona amadada elungiselela, sibona amahansi elungiselela, sibona isilo. . . izinyosi zilungiselela, sibona amafu elungiselela imvula, sibona yonke into; ukuthi izihlanganisa kanjani yona uqobo ndawonye, yenzele ukufuqa kwayo okukhulu. Sibona iNhlango yeZizwe, yezizwe zindawonye, zizihlanganisa zona uqobo kubukhomanisi. Sibona zona zizihlanganisa ngapha eZweni laseNtshonalanga. Sibona ibandla lizihlanganisa lona uqobo ndawonye, onke lana amanye. Ngakho akunakwenzeka uqobo, asikho esinye isikhathi ebesingaba ngalendlela; bekungeke kwaba ngalendlela eminyakeni engamashumi amabili eyedlule, bekungeke kwaba ngalendlela. Bekungeke kwaba ngalendlela eminyakeni eyishumi eyedlule, kuzoba kanje khona manje. Niyabo, ngoba lezizimfundiso ezigqamileyo nezinto kwakungakafiki kulendawo.

¹¹⁸ Manje phaphama! Zithintithe, ngokukhulu ukushesha, futhi buka phandle lapha esikhona! Sikuphi na? Njengalezozazi, sisemgqeni ngqo neZwi laKhe, nokuKhanya kweNkosi kukhanya phezu kwendlela yethu yezinyawo. UDumo malube kuNkulunkulu kweliPhezulu. Futhi uDumo malube kuNkulunkulu Osinika uJesu Kristu, esiMthandayo, futhi osilethe kulendawo. Futhi njengoba si. . . Singabantu baKhe, sithengwe ngenani leGazi laKhe.

¹¹⁹ O, he! Uma isikhathi sokuhlangana sifika, sibhekile, njengoba sihlanganana nomunye nomunye ezibophweni zoMoya waKhe, si. . . Kungaba nguMoya waKhe na? Impela, UnguMoya waKhe. Kungani kuyiWo na? UyiZwi laKhe, futhi U. . . lowo nguMoya weZwi. Futhi uma lowoMoya weSithembiso ufikela phezu kwakho futhi uqinisekisa futhi uzibonisa Wona uqobo khona lapha, ngabe UnguMoya ofanayo na? Wawuyi Lowo owawu noMose ehlane! Wawuyi Lowo owawu phezu kukaJesu Kristu! UyiLowo owahlanganana noSawulu esendleleni yakhe ebheke eDamaseku! Nguyena izolo, namuhla, naphakade! Futhi Wenza into efanayo!

¹²⁰ Futhi sibona izizwe ndawonye, sibona ibandla lihlangana ngamakhanda, sibona ubukhomanisi bundawonye, sibona izimfundiso ezizqamile zihlangana, sibona zonke lezizinto; futhi manje sibona uMlobokazi ehlangana neZwi. O, he! Yisikhathi abangwele abayovuka ngaso ukuba bahlangane nalabo abaphilayo, ukuba bahambe futhi bahlangane noJesu Kristu iPhakade.

¹²¹ Kwangathi uNkulunkulu angasisiza, wonke umuntu, ukuba sihlangane noKristu kulobubusuku, sizonikela yonke into yethu esiyiyo, yonke into esinayo, wonke umphefumulo wethu, umzimba, nomqondo, kuJesu Kristu futhi sibheke isikhathi salokho kuhlangana.

Lapho icilongo likaNkulunkulu liyokhala,
 nesikhathi asisayikubabikho,
 Nokusa kusePhakade, kubalele futhi kukuhle;
 Lapho abafileyo kuKristu beyakuvuka futhi
 babuthane ngale ngakolunye ugu ngaleya
 (noMlobokazi ophilayo), ukuba sihlwithwe
 ndawonye.

¹²² Bukani ukuhlangana! UNkulunkulu ehlanganisa iBandla neZwi laKhe, iZwi neBandla, ukuthi bobabili babangabafanayo, “Shono *lokhu*, futhi kuzokwenzeka. Yenza *lokhu*, futhi kuzokwenzeka. Yikho lokhu; lona yiMi phambi kwakho, lona yiMi ngikufakazisa; lona yiMi nginawe.” Kulungile.

¹²³ Siyathola ukuthi manje isikhathi siyafika lapho iCilongo likhala khona, nalabo abangwele abaleleyo emuva lapho, bangpheleliswe ngaphandle kwethu; bathembele kithi (amaHeberu 11); futhi uma sebehlangana, bahlangana nabaphilayo. IBandla lihlangana neZwi, khona-ke iBandla neZwi kuhlangana ndawonye, kuba ngokukodwa. Abangwele abafileyo nabangwele abaphilayo behlangana ndawonye ukuba babe munye; futhi bonke behamba ndawonye ukuhlangana noKristu ngaleya, benzela Isidlo sakusihlwa soMshando weWundlu.

¹²⁴ Yisikhathi sokuhlangana, nezibonakaliso ziyandiza ndawo zonke. Izibonakaliso zisezizweni, izibonakaliso zisebukhomanisini, izibonakaliso eZweni laseNtshonalanga, izibonakaliso eMkhandlwini wamaBandla. NeSibonakaliso silapha kulobubusuku phansi kwesikhundla sikaMoya oNgewele, neZwi likaNkulunkulu lisiqinisa futhi lisenza sibe yiQiniso. Amen! Isikhathi sokuhlangana! Isibonakaliso sesiKhathi sokuHlangana!

Asikhothamise amakhanda ethu.

¹²⁵ Nkosi Jesu, njengoba inhliziyo yami empofu igxuma ngenjabulo, njengoba ngibona izenzeko, (ngami indoda ephakathi nendima yempilo), kodwa nokho izenzeko ngami ngibona Wena ufika kulesisizukulwane; ukuba ngiphile

futhi ngime lapha, futhi ngibone lapho leloCilongo likhala, “Ongcolileyo, ungcilile njalo. Olungileyo, ulungile njalo. Ongcwele, ungcwele njalo.” O Nkosi Nkulunkulu!

¹²⁶ Nokucabanga ngathi simi, ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, lapho izwe lingayikwazi ukuthi kwenzekani, kodwa khona manjalo, niyobona kubonakala phambi kwenu, abathandekayo benu osewashona, useze ukuzohlangana nani futhi. Futhi siyoguqulwa ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso; futhi sihlwithwe, kanye kanye, ukuba sihlangabeze iNkosi yethu emoyeni. Bese-ke sihlangana naYo, ukuba sibe lapho kuze kube phakade, futhi ukuba singaphinde siphume eBukhoni baKhe futhi.

¹²⁷ Kuyinto enkulu kanje pho namhlanje, Nkosi, ukwazi ukuthi manje sihlanganise njengoMoya owodwa. UMoya owodwa, uMoya oNgcwele, uneZwi ekulibambeni kwaWo ngqi, ungena kithi. Futhi kuyinto enkulu kangaka pho, inhlanhla enje pho ukuba siqume sikhululeke kulolonke izwe, ukuba sizihlanganise thina uqobo kuJesu Kristu. Nokucabanga ukuthi suku lumbe, ngesimo somzimba, nomzimba njengomzimba waKhe uqobo okhazimulayo, siyohlala phansi etafuleni eSidlweni sakusihlwa soMshado futhi lapho sihlanganise futhi sishadiswe emshadweni kuYe; ukuba siphile njengoMlobokazi noMyeni zonke izikhathi esizayo, ePhakadeni elingapheliyo.

¹²⁸ Nkosi Nkulunkulu, kwangathi lona nje kungebe ngumcabango oyinganekwane kubantu, kodwa kwangathi kungaba yikho ngempela nje kuze kuthi ukulamba okunjalo nokoma kuzohlala kubantu ukuthi bazo... befunda amaphephandaba abo, bebheka phezu... belalele umsakazo nezindaba, futhi bebona ukuthi yisikhathi sokuhlangu. IZibonakaliso ziyabanibanika.

¹²⁹ Nkosi Nkulunkulu, njengoba sikhulume ngabesifazane, abayokwenza ngezinsuku zokugcina; ukuthi ibandla liyokwenzani ngokulele kokugcina; nalokho imiNyaka yeBandla eyoba yikho, nokuthi iziMpawu ziyoba yini, zonke lezi ezinye izinto. Futhi siyabona njengoba kwakunjalo, emihleni kaNowa. Siyabona njengoba kwakunjalo, emihleni yaseSodoma noLoti, ngenkathi iNgelosi kaNkulunkulu izazisa Yona uqobo enyameni yomuntu, edla inyama yenkomazi futhi iphuza ubisi oluvela enkomazini, futhi idla isinkwa; futhi yama lapho futhi yayikwazi ukusho okwakwenzeka emva kwaYo. NoJesu wathi into efanayo iyokwenzeka ekufikeni kweNdodana yomuntu.

¹³⁰ Nkosi Nkulunkulu, sisibonile isivivane, ukuthi sisakha kanjani phezulu lapho, futhi sabona ukuthi sazenezelela kanjani lezizinto kuso; futhi sithola ukuthi sisesikhathini sokuphela, silindele iTshe legumbi eliyiNhloko. Udumo kuNkulunkulu! Siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobaphaphamisa abantu, ngokushesha manje, futhi usiqoqele ndawonye,

ngothando lokumesaba uNkulunkulu nenhlonipho kuJesu Kristu nakomunye nomunye.

¹³¹ Uma bengabakhona abanye lapha kulobubusuku ongenalo lelothemba liphumule phakathi kwakho, ungasiphakamisela isandla sakho kuNkulunkulu bese uthi, “Nkosi Nkulunkulu, ngihlanganise naWe, ngihlanganise naWe”? UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubisise, nawe, wena; yebo. “Ngihlanganise naWe, Nkosi.” Yebo! O, he!

Izizwe ziyehlukana, uIsrayeli uyaphaphama,

¹³² Bukani uIsrayeli laphaya, uhlanganiswe ndawonye. UIsrayeli, ovela kulolonke izwe jikelele, sebefikele ukuzihlanganisa bona uqobo; ukuzihlanganisa bona uqobo futhi manje bayisizwe. Bayisizwe esihlangene: neflege labo uqobo, imali yabo uqobo, impi yabo uqobo, yonke into; uma bake babakhona, bakhona manje. UIsrayeli ehlangene, iRoma ihlangene, ibandla lihlangene. NoMlobokazi uyahlangana, amen; nokufika kwalokho kuHlanganiswa oKukhulu. Kuyini na? Konke kwenyukela kulesoSibonakaliso, lesoSibonakaliso esingokomkhulu esikhulu, uJesu noMlobokazi waKhe behlangana njengoyedwa.

¹³³ Baba, Nkulunkulu, siphe lezizibusiso engizicelela lababantu, futhi kwangathi singahlanganiswa kuWe enhliziyweni nomoya, njengoba bephakamisa izandla zabo, befisa lokho. Nkosi Nkulunkulu, sihlanze futhi usenze sibe ngabaKho; siphe khona, Nkosi. Yilokho kuphela esikwaziyo nesingakwenza, ngukucela. Bese kuthi-ke Wena wathi uma sikucelile futhi sakukholwa, sifanele sikwemukele; ngikubhekile, Nkosi. NgiyaKubonga eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda,
Ngoba Wangithanda kuqala,
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari. (Amen. O, he!)

Bheka, uMyeni uyeza!
Ngizwa ukumemeza kwaphakathi nobusuku!
Siyokwenyuka ngenhlocomo, uma sonke
sibambelela,

Futhi siMhlangabeze esibhakabhakeni.

Qaphela ukhuleke, mfowethu,
Funa omunye athathe umqhele wakho,
Ngokuba osivivi nomhlubuki
Akayikuyembatha ingubo yomshado.

¹³⁴ Kunjalo. Asilungele lokhu kumemeza kwaphakathi nobusuku. Kuza ngehora eningalicabangiyo. Kuyoba nokumemeza, hhayi phakathi kwezwe elingakholwayo; kuyoba yimfihlo. Kodwa abakholwayo, ababheke lokhu, niyazibona izinkanyezi ziza ngomugqa na? Niyabona na? Yavezani na?

Impela nje njengoba yenza esikhathini sokuqala. Niyabo, silapha, izibonakaliso ziyeza.

Sibona izibonakaliso zibonakala zokuFika
kwaKhe okubusisiweyo,
Bhekani, bhekani amaqabunga omkhiwane
manje abaluhlaza;
Ivangeli lombuso seliye ezizweni zonke;
Futhi siseduze, ukuphela kungabonwa.

Khona-ke ngokujabula, kude, siyomemezela
uMlayezo wokubonakala kwaKhe
okubusisiweyo,

¹³⁵ Kunjalo na? O, memzelani uMlayezo wokubonakala kwaKhe okubusisiweyo! Yilokho esifanele sikwenze. Tshelani wonke umuntu, “Lungiselelani, lungelani ukuhlangabezana noNkulunkulu.” Amen! Ng’yaMthanda. O, ngiMthanda kangaka. Manje, asisukume ngezinyawo zethu manje. Njengoba sivalelisana, yelula isandla ngapha bese uxhawulana nomunye umuntu, bese nithi:

Size sibonane! (xhawulanani, manje)...size
sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
Size sibonane! . . .

Khumbulani, ningahle nibe nokubizwa. Umhlangano wethu olandelayo unghahle ube sezinyaweni zaKhe.

O uNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

¹³⁶ Manje, cabangani nje, ngaphambi kokuba sibonane futhi; ngaphambi kokuba sibonane ngeSonto ekuseni, noma ngoLwesithathu ebusuku, kungahle kube ngukuthi . . . into yokuqala niyazi, omunye uselahlekile. Lona ulahlekile, futhi abasekho. O, ukucabanga ngomyeni wakho eselahlekile, noma umkakho eselahlekile, no—nomkaJohn eselahlekile, na—na—nangapha abantwana sebelahlekile. Konke kwenzekile (kwenzekeni na?), khona-ke wena ususele!

O, ukukhala okunje nokulila lapho abalahliwe
sebetshelwa ngesimiselo sabo,
Bakhala emadwaleni nasezintabeni,
(NjengoIsrayeli, ebuyela emzini, eya
eThempelini.)
Bakhuleka kodwa imikhuleko yabo yase
idlulelwe yisikhathi. (Benqaba uMlayezo.)

¹³⁷ O, mfowethu, ungalokothi ukwenze lokho. Noma ngabe wenzani, yima uyiqhawe embangeleni! Yebo, mnumzane!

¹³⁸ Manje, size sibonane, sizokwenza leli:

Hamba neGama likaJesu,
 Njengesihlangu kuyo yonke iminako;
 Nxa izilingo zikuzungeza, (Wenzani na?)
 Phefumula leloGama elingcwele
 ngomkhuleko.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
 Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
 Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
 Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

¹³⁹ Asikhothamise amakhanda ethu manje, njengoba
 sihamisha.

EGameni likaJesu sikhothama,
 Siwa silala ezinyaweni zaKhe,
 INkosi yamakhosi eZulwini . . . Yithwese
 umqhele,
 Lapho uhambo lwethu seluphelele.
 (Kuzobanjalo, ngolunye usuku.)

O Gama eliligugu, Gama eliligugu, O limnandi
 kangaka!

Size sibonane futhi, uNkulunkulu abe nani.

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
 Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
 Limnandi kangaka!
 Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.



ISIKHATHI SOKUHLANGANA NESIBONAKALISO ZUL63-0818
(The Uniting Time And Sign)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoAgasti 18, ngo 1963, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org